# *Ukuba Nesineke*

Asibe silokhu nje simile isikhashana ngaphambi kokuba sihlale phansi. Asibe nomkhuleko kuqala. Futhi ngiyamangala, kulobubusuku, ngobusuku besibili bomhlangano, zingaki izicelo esikhona, ongathanda... ukusazisa ngesandla esiphakanyisiweyo, "Nkulunkulu, yizwa isicelo sami." Asikhothamise amakhanda ethu manje.

2 Baba wethu waseZulwini, sisondela kuWe futhi, kulobubusuku, awudinwa neze ukulalela ukubiza kwabantwana baKho, uhlale uzimisele ukuphendula, sicela into eyodwa kuphela, ukuthi sizokholwa ukuthi siyakwemukela esikucelayo. Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzosusa lonke ithunzi lokungabaza, kulobubusuku, ngoMoya waKho oNgcwele omkhulu eZwini laKho, siyakhuleka ukuthi Uzophendula zonke izicelo. Futhi siyazi ukuthi sinesicelo sethu, ngoba siyaMkholwa Owasethembisa.

3 Futhi manje, Baba waseZulwini, siyakhuleka ukuthi Uzosindisa izoni, uphulukise abagulayo, uqinise iBandla, uZitholele udumo. Ngisize kulobubusuku, Nkosi, ukuthi ngingahle ngibe yisitsha esizosetshenziswa nguNkulunkulu. Siza wonke umuntu lapha, ukuthi bazobanjalo. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

4 Ningahlala phansi. Bona abantu bebeka amaduku manje emsamo, lapha, phezu kwepulpiti, njalo, ngokuba...ukuba akhulekelwe. Siyakholelwa kulokho. Leyo ngenye yezinkonzo zethu ezinkulu kakhulu, ngukukhulekela amaduku nokunye nokunye, ngenxa yaba—abagulayo nabahluphekile. Sikholwa ukuthi ngumBhalo, sikholwa ukuthi lowo ngumyalo. Isibonelo: UPawulu wakhulekela amaduku nezindwangu, wawathumela kwabagulayo, futhi baphulukiswa.

5 Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi, eNingizimu Afrika, ngaba ne...Ngikuqaphelile phakathi...ngikholwa ukuthi isithombe sisencwadini lapho sasinenkulu kakhulu, esikubiza ngokuthi, amasaka endwangu, lapha eMelika, agcwele nje iposi losuku lwamaduku nje ewodwa, izinkulungwane eziningana zawo. Futhi ngangiwakhulekela, futhi intatheli yathi, "UMfowethu Branham ukholelwa enkolelweni eyize kakhulu, uyakhuleka—ukhuleka phezu kwamaduku." Kukhombisa nje ukuthi bakanjani abantu, ongawazi umBhalo, uyini u—uyini umcabango wokwenyama abangaba nawo ngomsebenzi kaNkulunkulu, niyabo, kuyilapho bengaWazi.

6 NgangiseRoma, ngangisezansi phakathi, futhi ngibuka e... lapho ingcweti engumGreki yayidwebe u—umcabango we... u-Adamu no-Eva ensimini yase-Edene. Futhi umcabango

onjalo, he! U-Eva wayebukeka njengohlobo oluthile lwesilwane sangaphambi komlando, futhi u-Adamu, Angikaze ngiyibone into enjalo empilweni yami. Kuyakhombisa nje ukuthi lokho umqondo wenyama ongakudweba, kuyilapho ungaphendulelwe enkazimulweni kaNkulunkulu. Ngikholwa ukuthi u-Eva wayengowesifazane omuhle kunabo bonke abake baphila emhlabeni, kunjalo, ngoba wayenziwe ngokusha ngezandla zikaNkulunkulu, ngaphandle kwanoma yisiphi isono ukukuthinta. U-Adamu, umuntu ophelele kakhulu owayengaphila, ngaphandle kukaKristu ngoba Wayengu-Adamu wesibili, indoda ephelele kakhulu.

7 Kodwa umqondo wenyama ungadweba umcabango wokuthi wayenekhanda *elikhulu kangako*, nehlombe elilodwa phezulu, nelinye liphansi, futhi u-Eva umlenze owodwa umncane, nomunye umkhulu kakhulu, futhi, o, izinwele zilengela phansi, umlomo wakhe usemaceleni. Awu, he, bengingeke ngicabange ukuthi uMoya oNgcwele uke ukhiqize into enjalo. Kodwa, kukhombisa umqondo wokwenyama uma ungena kukho.

8 Yileyondlela izingqondo zethu ezizogijima ngayo ngendlela efanayo, uma sikuyeka kusuke eZwini likaNkulunkulu kuleyomicabango yokwenyama. Indodakazi yami, lapha kulobubusuku, ithe namhlanje, ibizama ukungibamba, ithi, “Ngine *Ethics of Darwin* lapha, ngingathanda ukuthi uyifunde, Babayi.”

9 Ngithe, “Ngiyabonga, ngayifunda eminyakeni edlule, isikhathi esisodwa sikwanele lokho.” Kodwa leliBhayibheli elidala, asilokothi siLidele, nje siLizikisa lingene enkazimulweni kaNkulunkulu.

10 Ngiyaxolisa ukuthi ibandla lonke, kulokhu ukusa, belingeke libe sesidlweni sethu sasekuseni. Inhlanganyelo emangalisa kanje esibe nayo! UMoya oNgcwele obusisiwe usivakashele futhi wasinika uMlayezo ukuthi . . . O, kwakuyisikhathi esimnandi kakhulu senhlanganyelo ngasezintweni zikaNkulunkulu.

11 Futhi ngiyazi nginigcine kwaleyithi kancanyana izolo ebusuku, futhi mina ngi, mhlawumbe, ngithola ukukhathala kancane. Lona umhlangano wami wesishiyagalolunye ngokulandelana, futhi nginokuphumula okuncane okuzayo emva kweminye imihlangano emibili. Kodwa ngizozama ukunikhipha kusese-eli kancane kulobubusuku, ngoba ngiyazi ukuthi ningabantu abasebenzayo, nifanele nibuyele emsebenzini wenu, futhi angikwenzi . . . futhi angifuni ukunigcina.

12 Kodwa ngiyajabula ukubona ngisho nokwanda esixukwini, kulobubusuku, kukhombisa intshisekelo. Futhi bangane, lokho kuvelele namhlanje, ngoba sonke siyazi, sifanele nje sikwazi lokhu: Imvuselelo isiphelile. Siyazi ukuthi, imililo ivuthela phansi, nentshisekelo yabantu iyabuna.

13 Niyabo, saba nemvuselelo, eyathatha iminyaka. Umlando ukhombisa ukuthi i—indoda, umvangeli, ngokuvamile izingxenye zakhe ezinkulu kunazo zonke iminyaka yakhe yokuqala emithathu, futhi ngemva kwalokho uphila phezu kodumo lalokho ayekushumayela kuleyominyaka emithathu. Futhi khona-ke, imvuselelo ayihlali isikhathi eside kakhulu, kodwa lokhu bekuhamba iminyaka ethile eyishumi nanhlanu, ngoba yimvuselelo yokugcina, ngiyakholwa, futhi sisesikhathini sokuphela ngqo. Ngikholwa ukuthi elandelayo kuzoba ukudonsa iBandla, abaKhethiweyo, emaqenjini nokubahlanganisa, futhi Lizosuka lihambe, futhi ngakho, sibheke lokho ukuba kwenzeke.

14 Kodwa singabona imililo yemvuselelo ivuthela phansi maphansi, intshisekelo yabantu, wonke umuntu ukhathele, eyolala, intshisekelo isiphelile. Futhi ukubona lentshisekelo engaka phakathi kwabantu, yona ekuxhu-. . . kuyangixhuxhumisa, futhi yazi ukuthi usekhona umlilo ovuthayo ngalapha e-Oregon. UNkulunkulu anibusise njalo. Asiphephethe kulobubusuku ngamandla ethu onke ngeZwi. Futhi iZwi, lapho uphephetha, Lizoveza uMoya oNgcwele, uMoya Ovunguzayo Onamandla ozoqala umlilo uvuthe futhi. Sengathi uNkulunkulu angasipha khona.

15 Futhi manje, ukonga isikhathi. . .Nibahle kakhulu ukukhuluma kini. Ngingakhuluma nani amahora, kodwa ngi—ngifanele ngibuke futhi ngonge lesisikhathi. Emizuzwaneni embalwa, emva kokuba sengiqedile ukukhuluma, ngizokhulekela lawa. . .phezu kwalamaduku, futhi nemukelekile njalo ukuwakhuphula, siyajabula ukukwenza.

16 Manje sifuna nina, ukuphenya, kulobubusuku, kwamanye amanothi enginawo lapha, ngendlela yo—yokuncane. . .Lokho engi. . .funa ukukwenza, zama ukukwenza, akusiyo imfihlo, ukuzama ukwakha ukukholwa kubantu, kuye lapho esingaba novuthondaba olukhulu, futhi into ethize ngempela eyenzeka ezonyakazisa izwe lonke.

17 Manje, sikwenzile lokho, ngomusa kaNkulunkulu, eGrass Valley, lapho okwakungekho noyedwa umuntu obuthakathaka owayesele phakathi kwebandla lonke, lelohholo elikhulu, kwakungekho noyedwa. Angikaze ngikhulekele abagulayo, ngaqhubeka ngakha ukukholwa nje, ngaqhubeka nje neZwi, ebululeni beZwi, ngendlela elula enginayo yokulibeka. Kodwa abantu bavele babambelela futhi bahlala ngqo, futhi khona-ke isikhathi esikhulu siyafika, futhi, o, yonke into nje esakhiweni yaphakanyiswa.

18 Futhi kwaba ngaleyondlela futhi eSpokane, ngobunye ubusuku, ngenkathi ingaphambili lonke laligcwele izihlalo ezinamasondo, nodaba lwezinhlaka zemibhede, nezinto ezinjalo, futhi phansi ngokuphelele kulolohlu kwehla uMoya oNgcwele,

ukhulula wonke umuntu lapho nje Ufika kukho, ngokuqhubeka *kanjalo*. Lapho. . .Balala lapho kulezozihlalo ezinamasondo futhi bakujuluka nayo yonke into, belalele, bebambelele kulokho kukholwa, bekubamba nje, futhi bephenya, futhi bethola. Kwase kuthi-ke emva kwesikhashana, khona manjalo uMoya oNgcwele wehlela ngqo, wehla ngqo ngohlu *kanjalo*, futhi bonke basukuma ngqo futhi bahamba. Niyabo, niyabo?

19 Inkathazo yakho, ngathi thina bantu, sijahe kakhulu, kuzomele kwenziwe khona manje, ngeke kusabuya nhlobo. Niyabo? Futhi lapho uthola lokho engqondweni yakho, niyabo, ukuthi, uzolahlekelwa khona lapho. Use—usemihlabathini olahlekelwa kuyo khona lapho, a—awunalutho lokuma. Ufanele ubekezele, "Abalinda eNkosini, bayathola ukuhlunyeleliswa amandla, bayokhuphuka ngamaphiko njengokhozi." Ngi—ngiyakuthanda lokho. Bekezela nje, linda.

20 UNkulunkulu akajahile. Wavumela abantwana bamaHeberu bahambe bangene ngqo esithandweni somlilo ngaphambi kokuba Ake aphendule umunwe, kunjalo, uvumela uDaniyeli ahambe angene ngqo emphandwini wezingonyama, udedela uJesu ahambe athi ngqu angene ethuneni, futhi uMphefumulo waKhe wehlela esihogweni, wase-ke eMvusa ngqo emigodini engenamkhawuko, eqhubekela phambili ngqo ephumela ethuneni, futhi esika yonke intuba kadeveli, futhi waqonda ngqo eNkazimulweni naWo. Niyabo? Impela. Akajahile, UnguNkulunkulu. Niyabo? Yena nje. . .Sivele sijahe, yiyonanto kuphela, niyabo, siyakugeja.

21 Ngakho-ke ungajahi, linda, buka, lalela. Thatha umBhalo, uWuhlole, ubone ukuthi Uqinisile yini, futhi uma Uqinisile, bambelela kuWo, uma ungenjalo, ngitshele ukuze ngizokulungisa. Ngakho si—siyabona uma. . .Wonke umsebenzi kufanele kube umsebenzi kaMoya oNgcwele. Kufanele kube ngumsebenzi waKhe, ngowaKhe. Futhi ufanele uphume eBhayibhelini. Akumele sidonse noma yini emcabangweni othile noma ekuzindleni, sifanele sikudonse eBhayibhelini.

22 Uma iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma ngobunye ubusuku, ngaphambi kokuba ngihambe, ngokuthi *Lapho Kuhlangana IMpumalanga NeNtshonalanga*. Bengilokhu ngizama konke phansi naphezulu ogwini ukuze ngingenise lokho. Ngethemba ukuthi ngiyakuthola ngaphambi kokuba ngihambe lapha, *Lapho Kuhlangana IMpumalanga NeNtshonalanga*. Bese kuthi-ke, uma iNkosi ithanda, ngingathanda ukukhuluma ngesinye isikhathi ngokuthi *IZwi LikaNkulunkulu Eliqinisiwe*, futhi iNkosi ithanda.

23 Bengibuka laphaya, kwenye ye. . .ipotimende lami, namuhla, futhi ngicabanga ngezindikimba ezincane, zokunye nokunye, zamateyipu enziwe, cishe izintshumayelo ezingamakhulu amahlanu noma imilayezo iNkosi enginike

yona, ephuma eZwini laYo, ukuba ngiyibeke. Bese kuthike, kulobubusuku, ukuza emsamo kuthatha umkhuleko nokufundisisa. Ngicabanga ukuthi noma yimuphi umuntu ubefanele azifihle kude e. . . aphuma e. . . isifundo sakhe ebusheni bukaNkulunkulu ukuhlangana nebandla.

24 Bengilokhu ngizibuza ukuthi ngizokwenzani ukuba benginamaconsi amabili eGazi likaJesu Kristu langempela o—oqwembeni, ingilazi. Bengingahamba kanjani ngokucophelela ngempela nalo ukuba ngiqiniseke ukuthi angilichithanga! Kodwa niyazi, kulobubusuku, ekuboneni kwaKhe, nginokukhulu ngokwedlulele esandleni sami, ukuthengwe ngeGazi laKhe. Wachitha iGazi laKhe ngenxa yakho, ngakho ngifanele ngikuphathe kanjani lokhu na? Niyabo, kuwumthwalo omkhulu, ngazi ukuthi ngizofanele ngiphendule ngoSuku lokwaHlulela kulo lonke igama. Futhi ngakho, ngakho-ke, masisondele kukho ngenhlonipho yangempela.

25 Phenya eBhayibhelini lakho manje, ukuze sifunde okunye kweZwi laKhe. Amazwi ami azohluleka, ngoba angamazwi omuntu, amaZwi aKhe awasoze ahluleka. Ngakho nje ukufunda iZwi. . . Asiphenye kuMathewu isahluko se 15 futhi siqale ngevesi lama 21, uma uthanda.

> *UJesu ephuma lapho, wamuka waya emaphandleni aseTire* lase*Sidoni.*
>
> *Bheka, kwavela kulowo* emkhawulweni *yakhona owesifazane waseKhanani, wakhala kuye, wathi, Ngihawukele, O Nkosi, Ndodana kaDavide; indodakazi yami ikhwelwe kabi yidemoni.*
>
> *Kodwa akamphendulanga ngazwi. Base besondela kuye abafundi baKhe bamncenga, bathi, Mmukise; ngokuba uyakhala emva kwethu.*
>
> *Kodwa waphendula wathi, Angithunyelwanga kwabanye kuphela ezimvini ezilahlekileyo zendlu yakwa-Israyeli.*
>
> *Weza wakhuleka kuye, wathi, Nkosi ngisize.*
>
> *Waphendula wathi, Akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse ezinjaneni.*
>
> *. . . wathi, Yebo, Nkosi: kepha nezinjana zidla. . . imvuthuluka ewa etafuleni labaninizo.*
>
> *Khona uJesu waphendula wathi kuye, O mame, kukhulu ukukholwa kwakho: makube-kuwe njengokuthanda kwakho. Indodakazi yakhe yasinda kusukela kulesosikhathi.*

26 Ngifuna ukuthatha, noma ukudonsa indikimba kulokho, uma ngingakubiza kanjalo, cishe imizuzu engamashumi amathathu, ukukhuluma. Ngifuna ukuthatha igama elilodwa engingathanda ukulisebenzisa ukwakha i. . . ingqikithi ngalo,

futhi lelo yigama lokuthi *Ukuba nesineke*. Manje, *ukuba nesineke* kunguku . . . kusho "ukuphikelela." UWebster uthi uku—ukuphikelela, ukuphikelela ekwenzeni umgomo, ukuphikelela kokwenzayo.

27 Amadoda ayo yonke iminyaka, anokukholwa kulokho azama ukukuzuza, ebephikelela. Ufanele uphikelele, angeke nje uhlale emuva bese uthi, "Awu, ngizobona ukuthi uJoe wenzani ngakho." Awukwazi ukwenza lokho. Futhi ngaphambi kokuba uphikelele, ufanele ube nokukholwa kulokho ozama ukukuzuza, futhi uma ungenakho ukukholwa, khona-ke angeke uphikelele.

28 Manje, abantu kuyo yonke iminyaka bakuzamile lokho, kodwa . . . futhi ubephikelele. Kodwa lokho onakho . . . Ukuphikelela, kuqala, ukuba nokukholwa, futhi khona-ke ufanele wazi ukuthi yimuphi umthombo odonsa kuwo ukukholwa kwakho.

29 Manje, abantu abaningi bebelokhu bephikelela entweni engalungile, futhi bebelokhu bengenzi kahle. UNimrode wayefuna ukwakha umbhoshongo, wayephikelele, kodwa akazange awuqede. UNebukadinesari wayefuna umuzi ongeke ufe, kodwa aka—akazange akuzuze. Kodwa uyabona, wena . . . into yokuqala ofanele uyenze, ukuphikelela, wukuba uqonde ngqo futhi ube ngolungile.

30 Esikhathini esithile esedlule umngane wami oyigugu, udokotela, weza endlini yami, indoda ekahle kakhulu. Uma uthanda ukumbhalela ngalokhu, igama nguDkt. Sam Adair, ekhoneni likaWall, kuMaple Street, noma, Wall noMarket Street, eJeffersonville, e-Indiana; unomtholampilo. Umngane wami omuhle kakhulu, sasingabafana besikole ndawonye, omunye wodokotela abahle ukubedlula bonke esinabo e—empumalanga.

31 Futhi indlu yayigcwele abantu ababekhulekelwe. Futhi abantu bengena, ukuthi bangena kanjani bevela ezindaweni zonke ukuba bazokhulekelwa! Futhi umkami uyabuya, futhi wathi, "Billy, uDkt. Adair ulapha."

Ngathi, "Mfake egumbini lokuphumula. Sinabantu kulawa amanye amagumbi a . . . Mfake egumbini lokuphumula, ngizoba naye ngokushesha engingakwenza."

32 Futhi kwakukhona indoda lapho, evela eWalnut Street Baptist Church eLouisville, enomdlavuza obendeni. Futhi bathatha lokhu kuhlinzwa, kwakungalungile, futhi indoda yayifa. Futhi yasindiswa futhi yaphulukiswa emdlavuzeni. Futhi ngangisebenzana nayo, ngalesosikhathi, ukubona ukuthi iNkosi yayizokhulumani kimi ngayo.

33 Ngakho khona-ke, ngenkathi singena ukuyobona uDkt. Sam omncane, wayehlezi phakathi lapho esonge izandla zakhe, indoda ekahle kakhulu. Waye, awu, udokotela wayelethe uBilly Paul, nendodana yami, kanjalonjalo, sasingabangane abahle

kakhulu, udla endlini yami nokunye nokunye, singabangane besifuba nje.

34 Futhi wathi, "Bill, ngifuna ukukubuza okuthize." Manje, siyazana kahle ngokwanele ngize ngingadingeki ukuthi ngimbize ngo "Dokotela," Ngivele ngimbize ngo "Sam," futhi ungibiza ngo "Bill." Futhi ngakho wathi, "Bill, ngifuna ukukubuza okuthize." Wathi, "Ucabangani ngalelidolobha, awucabangi ukuthi lidinga umtholampilo na?"

Futhi ngathi, "Impela, noma iliphi idolobha liyawudinga umtholampilo, odokotela abalungile."

Wathi, "Awu, ngikholwa ukuthi lelidolobha liyawudinga."

Ngathi, "Nami ngiyakholwa, Sam."

Futhi wathi, "Awu," wathi, "ucabanga ukuthi ngifanele—ukuba—ukuba nalomtholampilo na?"

Futhi ngathi, "Ucabanga ngawo na?"

Wathi, "Yebo."

35 Ngathi, "Akekho omunye udokotela engimaziyo ebengingaqoka ukusho ukuthi—ukuthi ngangicabanga ukuthi ubefanele ukuba nawo." Manje, ungomahhadlahhadla, umfo omncane oqatha onyundayo, kodwa u. . .ngangihlale ngimbiza ngofudu, uthambile ngaphakathi, kodwa uqinile ngaphandle, yigobolondo nje azidonsele ngaphakathi kulo. UNkulunkulu uyayazi inhliziyo yendoda. Wonke umuntu wayengathi uSawulu waseTarsu wayeyindoda elukhuni naye, kodwa uNkulunkulu wayeyazi inhliziyo yakhe. Ibandla lakhetha uMathiya, kodwa sathola ukuthi uNkulunkulu wathatha uSawulu, ikhala elincane eliyihhuku, umJuda onolaka uku. . .wayengelutho, ukwenza okuthile ngaye.

36 Manje, futhi ngakho lendoda yathi, "Awu, ngiyawufuna lomtholampilo." Futhi wathi, "Uyazi, Bill, ukuthi mina—mina ngi. . .Ngifuna ukukhonza iNkosi," wathi, "kodwa nginonya kakhulu."

Ngathi, "O, angazi ngalokho."

37 Wathi, "Kodwa ngi—ngiyazama, emsebenzini wami, ukwenza engingakwenzela iNkosi." Wathi, "Ngi—ngi—ngi. . . Abanye balabobantu abangamakhaladi bayakhuphuka," wathi, "badinga ukuhlinzwa, futhi abanayo imali." Wathi, "Uyazi ngiyahlinza." Futhi lelo yiqiniso. Noma ubani ongenayo imali, uyaqhubeka, enze umsebenzi noma kanjani. Ungudokotela ohlinzayo odumile.

Futhi ngathi, "Awu, o, ngi—ngiyakukholwa lokho."

Wathi, "Ngifuna ukukubuza okuthize." Wathi, "Ungangicelela eNkosini na?"

Futhi ngathi, "Ya, impela."

Wathi, "Nginencane . . ." Wathi, "Ucabanga ukuthi lowo mtholampilo ubufanele wakhiwe kuphi na?"

38 Ngathi, "Angazi." Ngathi, "Uma u . . ." Emuva phezulu kwenye indawo, izwe elinezikhukhula lelo, futhi bakha udonga lwezikhukhula. Ngathi, "Bengingathola loluhlangothi lodonga lwezikhukhula."

Wathi, "Yebo."

Ngathi, "Awu, kunenqwaba, indawo enkulu enhla lapha ekhoneni *elithile*."

Wathi, "Awu," wathi, "umngcwabi usevele uyitholile leyondawo, bakha indawo yabangcwabi."

Futhi ngathi, "Awu," ngathi, "manje-ke kanjani ezansi lapho lapho iPfau Oil Company endala yayikhona na?"

39 Wathi, "Leyo isithathiwe, bazobeka indawo ka-ayisikhilimu phakathi lapho." Wathi, "Nginendawo enhle, Bill," kodwa wathi, "omunye uyithenge ngaphambi kwami," wathi, "inenekazi elidala eKentucky." Wathi, "Yilapho isikole esidala somnyango sasikhona ezansi lapha."

40 Futhi wathi, "Ngiyalwazi uhlobo lwendoda endala emnene kuye." Wayesethi, "Uyazi ukuthini? Ngikholwa ukuthi uma ngingayinika cishe imali engamakhulu amathathu, futhi ubunga . . ." Wathi, "Futhi mina . . . Wayithenga ngezinkulungwane eziyisithupha zamadola." Wathi, "Ngizomnika cishe amadola angamakhulu amathathu uku— ukumenza angithengisele yona, futhi ngizomnika eziyishumi ngayo."

41 Futhi ngathi, "Manje, Sam, buka lapha, awugwazeli uNkulunkulu ngalutho." Ngathi, "Uma uzokhuluma noNkulunkulu, sifanele sikubeke khona lapha bushelelezi, akukho-kugwazela ngakho nhlobo." Ngathi, "Angeke nje sakwenza lokho noNkulunkulu."

Wathi, "Awu, bengingakuqondile kanjalo, Bill. Kodwa lokho kuhle kakhulu."

Ngathi, "Kanjani . . . Kungani ungenzi lokhu na? Asikunikele kuNkulunkulu futhi sibone ukuthi uNkulunkulu uzothini ngakho."

Wathi, "Kulungile."

42 Ngathi, "Awu, suka esihlalweni futhi uphenduke." Wenza kanjalo, futhi se—sehlela phansi lapho futhi sakhuleka isikhashana. Salinda iNkosi cishe imizulu eyishumi nanhlanu, engamashumi amabili, emva kwesikhashana umbono uyafika.

43 Ngathi, "Dokotela sukuma." Ngathi, "Uthole umusa kuNkulunkulu. Uzokwakha indawo yakho—yakho, umtholampilo wakho. Kuzoba yisakhiwo eside, sizokwakhiwa ngesitini esibomvu, iphezulu eliphansi, futhi cishe kuzothatha

ibanga lendlu yasedolobheni." Futhi wangibuka ngokuxakile ngempela. Futhi ngathi, "Ngeke kube sesikoleni somnyango, khohlwa yilokho. Uzokwakhiwa ekhoneni lika-Wall no-Market Street, lapho leyondlu enkulu endala ihlezi emuva kulelogquma."

44 Wathi, "Umzuzu nje, Bill." Wathi, "Ngiyakhumbula ungitshela ngoBill Hall." Anginaso isikhathi sokungena kulokho mayelana . . . Wamlalisa ukuba afe ngomdlavuza, usudle isibindi sakhe nya, nabo bonke abagogodele izifo bezungezile. Futhi mina, ngiyozingela izingwejeje ngalokho kusa, ngabuka, ngase ngibona umbono kaMnu. Hall, Ngahamba futhi ngamshayela ucingo, ngathi, "UMnu. Hall uzophila."

Wathi, "Udokotela omdala kuzomele akubone lokho."

Uyaphila kulobubusuku, ushumayela eMilltown Baptist Church.

45 Ngakho, futhi wathi, "Ngiyazi ngoWill Hall nazo zonke lezizinto." Kodwa wathi, "Bill, ngisanda kuphuma enkantolo ngaleyondawo." Wathi, "EPhiladelphia, umnikazi uhlala lapho, futhi kukhona okuthile ngakho okungeke kwathintwa iminyaka engamashumi amabili nanhlanu."

Ngathi, "Dokotela, sewake wangizwa ngikutshela noma yini eGameni leNkosi eyayingenjalo na?"

Wathi, "Kodwa Bill, lokho—lokho . . ." Wathi, "Angifuni ukukungabaza."

46 Ngathi, "Awungabazi mina, ungabaza Yena." Ngathi, "INkosi ikunike leyondawo. Manje, Ibingeke ikwenze, ukuba Ibingakwenzanga kakade, niyabo, nawe wenza kanjalo." Kodwa ngathi, "Isivele ikunikezile indawo, umtholampilo uzoba lapho." Wanwaya ikhanda lakhe, waphuma, akashongo lutho.

Ngakusasa ekuseni, umkami ehlezi lapho ubengafakaza, wangishayela ucingo, wathi, "Bill."

Ngathi, "Yini na?"

Wathi, "Ngiyafa amakhaza." Futhi kwakungalesisikhathi sonyaka, kuyashisa ngempela e-Indiana.

Ngathi, "Yini inkinga, dokotela na?"

47 Wathi, "Uyazi, bebenomhlangano, izolo ebusuku, ePhiladelphia, futhi sengivele ngiyithengile indawo." Wathi, "Isingeyami, futhi umtholampilo uyakhuphuka." Nanko umile namuhla. Wathi, "Uma noma ngubani, nganoma ngasiphi isikhathi, eke angabaze noma yini, batshele bangishayele ucingo." Niyabo, futhi lokho kunomaphi, niyabo.

48 Futhi kukanjani lokho, kodwa niyabo, umfo omncane wayephikelele. Wa—wa—wayefuna ukwakha umtholampilo, kwakusenhlizweni yakhe. Futhi uyeza, ngisho ilunga lebandla

nje elisivivi, kodwa liza lifuna uNkulunkulu. Manje, yileyo indlela yokuthola impendulo, funa uNkulunkulu.

49 Udokotela wayehlezi naye ngolunye usuku, futhi wathi, "O, ngikholwa ukuthi kukhona into enjengokuphulukisa ngokukaNkulunkulu," kodwa wathi, "kusengqondweni nje."

Ngathi, "Qhabo, qhabo."

Wathi, "Ngikholwa ukuthi uma umuntu engakholwa ukuthi angathinta isigxobo, uzophila."

50 Ngathi, "Mnumzane, ubani ongaba nokukholwa ekuthinteni isigxobo na? Ufanele ube. . . Ukukholwa akukhona nje okuxegayo, kufanele kusekelwe kokuthile okuyisisekelo."

51 Uma indoda ithatha umkayo, ifanele isekele ukukholwa kwayo kulowo wesifazane, futhi ufanele asekele ukukholwa kwakhe kuleyondoda, isizathu esithile sokwenza umgomo wokuphila, uma engakwenzi, khona-ke kukhona okungalungile, futhi ngeke kusebenze. Ufanele ube nokukholwa. Futhi yini engcono ukuba nokukholwa kuneZwi likaNkulunkulu na?

52 Njengoba umfowethu wekhaladi omdala waseningizimu asho, wathi, "Ngingamane ngime eZwini likaNkulunkulu kunokuma eZulwini."

Wathi, "Kungani kunjalo, Mose na?"

53 Wathi, "Ngani, kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi aliyikudlula." Ngakho ufuna-. . . wayefuna ukuba lapho ngempela, impela. Ngakho lokho kunjalo impela. IBhayibheli lasho eSambulweni 21. . . "Amazulu nomhlaba kuyodlula, kodwa elaMi—kodwa iZwi laMi aliyikudlula." Wathi yena. . . eSambulweni 21, wabona amazulu amasha nomhlaba omusha, ngokuba amazulu okuqala nomhlaba kwase kudlulile. UJesu wathi kodlula kokubili amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laKhe alifanele.

54 Manje, sifanele sibe nokukholwa okuyisisekelo kulokho esikwenzayo. Ingazuzwa kanjalo impela leyomibono, yingoba isekelwe phezu kwesithembiso sikaKristu. Futhi uma leyoNgelosi yeNkosi, leyoNsika yoMlilo, onesithombe saYo lapha (Engicabanga ukuthi bebenaso phezulu lapha, bebenaso na?), uma Lokho kungashongo ncamashi naleliZwi, bengingeke ngiKukholwe. Angikhathali ukuthi bekubukeka kungokoqobo kanjani, kuzofanele kufike ngokwaleliZwi.

55 NaleyoNgelosi yeNkosi kwaba Yiyo, leyoNsika yoMlilo eyalandela u-Israyeli, noma, u-Israyeli waYilandela, njalo, ehlane, khona-ke Yenziwa inyama futhi yakha phakathi kwethu. Uyakukholwa lokho, awukukholwa na? Impela. UNkulunkulu wayekuKristu.

56 Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu." Ngabe kunjalo na? Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, nokwenyuka kwaKhe, uSawulu

waseTarsu wayesendleleni yakhe ebheke eDamaseku, futhi khona manjalo leyoNsika yoMlilo enkulu, yokuKhanya, phambi kwakhe yamshaya emehlweni, futhi wawela emhlabathini. Futhi wezwa iPhimbo lithi, “Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?”

Wathi, “Ungubani Wena, Nkosi na?”

57 Wathi, “NginguJesu.” Wayesebuyele kuNkulunkulu. Wangena etilongweni, njengokuKhanya, okwakhipha uPetru etilongweni, kwamkhipha.

58 Futhi manje, uma leyo kuyiNgelosi yeNkosi ehola lababantu, Izoveza into efanayo naleyo Eyayenza ngenkathi Ibonakaliswa eNdodaneni kaNkulunkulu yeqiniso, Izokwenza okufanayo esimweni sobuntwana samadodana kaNkulunkulu, ngoba uJesu wathi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.” Uma ukuPhila kwaKhe kukithi, Kuzoveza okufanayo; futhi uma kwenza izinto eziphambene nomBhalo, khona-ke ngeke kube yiNgelosi efanayo.

59 Kodwa uma Iveza ukuPhila okufanayo eYayiyikho ngenkathi Ilapha emhlabeni, kubonakaliswe enyameni, futhi kwethenjiswa ukubonakaliswa futhi, ngendlela efanayo, khona-ke NguMoya ofanayo, uNkulunkulu ofanayo, ngeZwi elifanayo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Manje, khona-ke ungasekela ukukholwa kwakho ukuthi lelo yiqiniso. Futhi emashumini ezinkulungwane emibono emhlabeni jikelele, ngizocela noma ubani nganoma yisiphi isikhathi ukuthi angibonise lapho eLake lehluleka khona, aLehluleki, futhi angeke Lehluleke.

60 Lokhu, okubonayo lapha, umbono oyimfundamakhwela, izinto ezincane nje. Uyakwenza lokho ngokwakho, nguwe. Buka uKristu, Wayengukugcwala kukaNkulunkulu. UNkulunkulu wayehlala kuKristu ngaphandle kwesilinganiso, WayenoMoya ngaphandle kwesilinganiso, sinaWo ngesilinganiso. Kodwa uma ngithole isipunu esigcwele samanzi aphuma echibini phandle lapha, noma, ulwandlekazi, yilokho okwakukuKristu, uma nginesipuni esigcwele amanzi, kube yisipuni esigcwele amanzi nje esiphuma kulo, kodwa amakhemikhali afanayo akulo lonke ulwandle akuleso sipunu esigcwele, hhayi nje. . . ku—akusikho okuningi kwakho, kodwa amakhemikhali afanayo.

61 Futhi uma sinoMoya kaNkulunkulu kithi, yimisebenzi efanayo noMoya ofanayo, izibonakaliso ezifanayo. Niyabo? Nje kuyi. . . Khona-ke yesekela ukukholwa kwakho kulokho, futhi uma ubona ukuthi kuyini, khona-ke ungaphikelela, uyazi lapho omi khona.

62 Uma i. . . uma—uma amashumi amabili. . . Uma bengibulawa indlala, futhi othile anginike u—ulofu, e, amasenti angamashumi amabili nanhlanu abengathenga ulofu wesinkwa, futhi othile unginika intengo yokuthenga isinkwa, engamasenti

angamashumi amabili nanhlanu, ngingamemeza kakhulu ngaleyokota esandleni sami ngendlela engingenza ngayo ngalowolofu wesinkwa esandleni sami, ngoba nginobufakazi bokuthi ngizophila. Nginamasenti angamashumi amabili nanhlanu, amandla okuthenga, esandleni sami.

63 Futhi lapho owesilisa noma owesifazane ekubona kugxilile kubo, banokukholwa, bangajabula. Angikhathali ukuthi isandla sakho sithini, noma ukuthi ugula kangakanani, usakukholwa, uyaphikelela. Wena—wena—u—u—unesineke, akukho okuzokumisa, unakho. Angikhathali, odokotela abayizinkulungwane eziyishumi bangama, bathi uyafa, ungavele ubahleke, uhambe ngaphezu kwakho. Ya. Uma u rea-. . .Futhi kuzokwenzeka. Kodwa niyabo, abantu abaningi *banethemba* nje, futhi *bafise*, nokunye nokunye, kuba buthakathaka, o, kuba buthakathaka kakhulu, kakhulu, lapho usuqala ukukhuluma ngemibandela yokukholwa.

64 Abantu abaningi, sifundisiwe, beka izandla phezu kwabagulayo, futhi lokho kulungile. Kepha uyabona, engizama ukukwakha *lapha* ukuthi, akuzukudingeka uthi, "UMfowethu Branham wabeka izandla zakhe phezu kwami." "BengiseBukhoneni bukaJesu Kristu, ngiMthintile. UMfowethu Branham ubengahlanganise lutho nakho, akekho omunye obengahlanganise lutho nakho. . .UNkulunkulu ukwenzile."

65 Futhi ngizokutshela lokhu, mfowethu, uma kuke kwenziwa, uNkulunkulu uzofanele akwenze. Lokho—lokho kunjalo. Ngifuna ukukholwe, yiba nokukholwa kukho, bese-ke uphikelela, ubambelele kukho.

66 Futhi amadoda amakhulu akhulekile. . .UGeorge Washington, eValley Forge, wayenesineke kakhulu. Wakhuleka ubusuku bonke ngenkathi abaseBrithani wayengaphesheya ngakolunye uhlangothi. Futhi ngakusasa ekuseni, akunandaba. . .Nakho kwakumi amasosha ethu aseMelika, ingxenye yawo yayingenazo izicathulo ezinyaweni zawo, amasosha aseMelika engafake zicathulo.

67 UWashington wakhuleka waze waba manzi te kuya okhalweni lwakhe, waze wathola impendulo evela eZulwini. Futhi umfula ogcwele ngakusasa ekuseni (iValley Forge), awumhluphanga, wawelela ngaphesheya, wayenesineke, noma ngabe amasosha akhe ayenezicathulo noma qha, noma ngabe ukuphikisana kwakukukhulu noma qha. Izinhlamvu ezintathu zezibhamu imusketi zadabula ejazini lakhe futhi azizange zimthinte. Ngani na? Wayekhulekisise waze wathola ukubamba kukaNkulunkulu. Akukho-sibhamu imusketi, akukho-butho, akukho-mfula, akukho-bunzima, noma ngabe kuyini, uyaqhubeka.

68 NjengoJoshuwa noKalebi, ngenkathi bona. . .sonke isizwe sathi, "O, angeke silithathe. Angeke silithathe. O, sibukeka

njengezintethe, bayiziqhwaga."

69 Kodwa uJoshuwa wayenesineke, ngokuba wayazi ukuthi uNkulunkulu wathi, "Ngininika lona." Niyabo, babebuka lokho ababengakubona, uJoshuwa wayebuka lokho uNkulunkulu ayekushilo. Yilokho . . . Kuncike kulokho okubukayo. UmKristu ubheka okungabonwayo, okungabonwayo. Izikhali zonke zobuKristu azibonakali, into enguna phakade ayibonwa. Izinto ezibonwayo ziyizinto eziphathekayo, futhi umhlaba ungunina wakho konke.

70 Kepha okungabonwayo, izikhali zonke zikaNkulunkulu, kuyindaba engabonakali, uthando, ukujabula, ukuthula, ukukholeka, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ububele, nokunye nokunye, uNkulunkulu, uMoya oNgcwele, uMoya. Konke lokho okungabonwayo, lezo yizinto ezihlala njalo, izinto zaPhakade, lezo yizikhali zethu zonke.

71 Konke umKristu angathembela kukho okungabonwayo, isithembiso sikaNkulunkulu. Futhi sibheka into ethize esingayiboni ngamehlo ethu. Empeleni, ukukubona ngamehlo akho, awukuboni; *ukubona* kusho "ukukuqonda." Ubuka noma yini ngokuqondile ngqo, uthi, "Angikuboni," uqonde ukuthi awukuqondi. Lapho uqonda . . . Okuthize kunokuqonda ukuthi uNkulunkulu wenze isithembiso saKhe, futhi Okuthize kukushayile ukuthi uyakukholwa, lokho ngukuqonda ukuthi isithembiso sikaNkulunkulu singesakho, khona-ke okuthize kuzokwenzeka. Khona-ke anginendaba, akekho umuntu emhlabeni ongakhuluma nawe akukhiphe kuwe, usendleleni yakho-ke, akukho okuzokumisa.

72 UWashington, ngenkathi ekhulekisisa, wayeselungele. Lapho amadoda ezwa kuNkulunkulu futhi azi ukuthi kungokomBhalo, khona-ke angaba nesineke. UNowa, umlimi nje, indoda . . . Uyaqaphela, u—uzalo lwa—lwabantwana bakaKayini wayehlakaniphile, ososayense abakhulu, ukuzuza ngempumelelo okukhulu kwisayense, siyakulandela lokho. Kodwa abantwana bakaSeti babethobekile, abantukazana, abalimi, abafuyi bezimvu, nokunye nokunye. UNkulunkulu uhlala njalo ekuthobekeni.

73 Inkathazo yakho ingukuthi namuhla, ukuthi thina bantu baseMelika, sihlala sibheke into ethize enkulu nekhanyayo, futhi uNkulunkulu akakwenzi lokho, into enomsindo. UNkulunkulu angadonsa amanzi amaningi ngelanga ngemizuzu emihlanu kunalawo esingawakhipha ompompini kwiphampu ezinsukwini ezingamashumi amane. Impela. Kodwa sibheke into enkulu nenomsindo, uNkulunkulu ubheka into ethize encane nethule.

74 Umoya onamandla, ukuduma, umusi, ukuzamazama komhlaba, ayikho kulezozinto eyake yakhanga umprofethi u-Eliya ngenkathi esemgedeni, kodwa lapho ezwa leloPhimbo elincane elithule, uNkulunkulu wayephakathi lapho, khona-

ke uyeza ephumela ngaphambili, akukho okunye kwakho okwakungamheha. Yinto ethize okumele igxile, kukhona okumele kwenzeke.

75 UNowa, wayenesineke kakhulu emva kokuzwa iPhimbo likaNkulunkulu ukuba akhe umkhumbi. Ungacabanga ukuthi kwakulusuku olunjani—olunjani lolo na? Ungakucabanga ukuphikisana ahlangabezana nakho, lapho benempucuko enkulu kunalena esinayo manje na? Bakha izivivane, besingekwazi ukuzakha; bakha iBhubesi elikhulu elinekhanda lomuntu eliqoshwe ngetshe, bathatha izinqola zokulayisha eziyisicaba eziyishumi nesithupha, babeke umlenze phezu kwayo, besingekwazi ukulakha, asinakho ukulawula amandla ukukwenza okwamanje, kodwa babenakho. Babekwazi—babekwazi ukugqumisa umzimba, benze isidumbu esomisiwe esingabukeka ngokwemvelo kuze kube yilolusuku, besingeke sikwenze lokho. Babenombala esasingenawo, ukuzuza ngempumelelo okuningi ababenakho.

76 UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka ezinsukwini zikaNowa, kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Qaphelani phakathi lapho manje, babe—babehlakaniphile, kodwa uNowa wayekhulume noNkulunkulu. Akunandaba ukuthi uMlayezo wakhe—wakhe wawungazange uhlangane nemicabango yabo yesayense, waqhubeka nje ngoba wayemzwile uNkulunkulu, wawakha umkhumbi ngokufanayo nje.

77 Ake sikubheke isikhashana, ngenkathi sisesendabeni. Sengiyasibona isikhathi sifika, abantu bayamhleka, emi nsuku zonke futhi bembuka efaka izingodo phakathi, yena nomndeni wakhe. Kodwa bathi, "Awusho, Nowa, ngifuna ukukubuza okuthize." Ososayense abakhulu, "Uyazi, singadubula inyanga ngesibonisa kude irada yethu. Ngifuna ukukubuza okuthize. Ngikhombise lapho okunemvula khona phezulu lapho esibhakabhakeni. Ngikhombise lapho okunamanzi phezulu lapho, awekho phezulu lapho.

78 "Nowa, uthe izokwehla. Manje, ikuphi leyo ezokwehla na? Singafakazisa ngokwesayense ayikho, ngamathuluzi ethu, lapha, ukwenza ngawo. Yima, ndoda, u—uyindoda ehlanyayo, uzosangana. Yeka ukwakha kulowombhedo womkhumbi, yehla futhi uhlanganyele nathi, thina sonke. Masidle, siphuze, futhi sijabule."

79 Kodwa uNowa wayemuzwile uNkulunkulu. Futhi wathi, "Angikhathali uma amathuluzi enu ekhombisa ukuthi akukho lutho lapho, uma uNkulunkulu eshilo ukuthi izoba lapho, Uyakwazi ukuyibeka lapho." Wayephikelele. Wafaka uthango oluzungeza izikebhe, futhi walungisa i—izinhlangothi, futhi walungela. Lapho eseqedile ukuwakha wonke, wema emnyango womkhumbi futhi washumayela insindiso kuphela ngokungena komnyango. Bamhleka.

80 Ngolunye usuku waqala ukuqaphela, nakhu kufika ibhubesi leduna nelensikazi, ihhashi leduna nelensikazi, futhi onke aqala ukungena emkhunjini. UNkulunkulu wathi, "Lungela, Nowa, sengenele ngokuqhubeka kwabo, kokungakholwa kwabo. Ngizothumela ukwaHlulela eNgakwethembisa."

81 Awu, mfowethu, dadewethu, ngisho lokhu, ngethemba ukuthi awucabangi ukuthi ngiwuhlanya, kodwa ngikholwa ukuthi lokho ukuphinda okufanayo sekuseduze. UNkulunkulu usenele yilesisikhathi sesayense, sokudubula enyangeni, unyaka wokuqathaza imicibisholo amamizayli esikuwo. Ngani, ngomunye umbhoshongo waseBabele! Anazi yini ukuthi uNkulunkulu uzowubhubhisa lomhlaba na? Wathi Uyokwenza.

82 Yingalesosizathu ngiphandle lapha, kulobubusuku. Yingakho sizama ukuphokophela phambili ukuze sithole yonke imiphefumulo esingayithola, ngokuba ukubekezela kukaNkulunkulu ezinsukwini zikaNowa kuyafana njengoba kunjalo manje, engathandi ukuba kubhubhe namunye. Kodwa, noNkulunkulu wathumela lonke uhlobo lwesiphiwo Angasenza phambi kwabantu, futhi noma kunjalo bahlala bengenawo uMbuso. Kungenxa yokuthi okuningi kwakho kuvela epulpiti, siyakwazi lokho, ukuphika izinsuku zezimangaliso, ukuphika uMoya oNgcwele, nokunye nokunye, okuletha lokho.

83 Manje, siyaqaphela ukuthi kwenzekeni, ngolunye usuku ngenkathi uNowa engena nomndeni wakhe, futhi ngiyabezwa bethi, "Nazo izilwane zakho ezindala ezinukayo, qhubeka ungene, uhlale nazo manje." O, unyaka wabo omkhulu oqhamileyo, niyazi, ababephila kuwo. Futhi—futhi ngakho, khona-ke umnyango wavaleka ngemuva.

84 Kwakukhona amakholwa athiyeka emngceleni ayevamise ukwethamela umhlangano kaNowa. Awu, njengoba nje likhona manje, abantu bahlala bazungeze ngaso sonke isikhathi ebandleni, kodwa abalokothi bahambe beze ngaphambili. Bayakujabulela ukuzwa umelusi eshumayela no*kunye okuthize*, kodwa abalokothi benze isinyathelo esiyaphambili. Ngakho khona-ke into yokuqala . . . Abafuni neze ukubeka izandla zabo kukho, ukuze babandakanywe nakho.

85 Mfowethu, o, mfowethu! O, ngijabula kakhulu ukubandakanywa nakho! Ngi—ngifuna izincwadi zami ezingichazayo, zazi ukuthi ngingomunye wabo. Ukuhlonishwa okukhulu engake ngaba nakho, ukuba ngibandakanywe nabantu ababizwa ngokuthi bayahlanya ngenxa yeVangeli. Kunjalo.

86 Manje, ngenkathi—ngenkathi phakathi e . . . isikhathi sikaNowa safika sikazamcolo, khona-ke abanye balawo makholwa athiyeka emngceleni athi, "Manje, wayeyikhehla elikahle. Manje, kungahle kube khona okuthize okwenzekayo, ngakho kungani, ngiyanitshela ukuthi, sizokhuphuka futhi sime

sizungeze umkhumbi, futhi uma ngempela liqala ukuna imvula phansi, evela phezulu lapho, njengoba eshilo, noma, amanzi, niyazi ukuthini? Sizongqongqoza emnyango, futhi uyikhehla elimnene, uzosingenisa." Ya, kodwa kwakungesuye uNowa owavala umnyango, kwakunguNkulunkulu owavala umnyango. Ngakho ba . . .

87 Manje, niyabona, emva kokuba usube ngumKristu, abantu abaningi bacabanga ukuthi, "Awu, emva kokuba ngiba ngumKristu, lokho kuyakuxazulula, konke okumele ngikwenze nje ukuthi, 'Awu, udumo kuNkulunkulu, konke kungokwami.'" Qhabo, mnumzane. Unephutha. Ulwa lonke iyintshi lomhlabathi olithathayo.

88 UNkulunkulu watshela u-Israyeli, ezansi eGibhithe, "Ngikunika lelozwe lesethembiso." Kodwa watshela uJoshuwa, lapho engena, "Nomaphi lapho amathe ezinyawo zenu enyathela khona, lokho Ngiyaninika." Lase livele linikezwa bona, kodwa kwadingeka balwe lonke iyintshi lalo, ngamanye amazwi, amanyathelo achaza indawo yakho, qhubeka nje uhambe. Manje, babefanele balilwele, kodwa uNkulunkulu wayebanikile lona.

89 Kwase kuthi-ke, futhi uNowa, lapho engena futhi wahlala phansi emkhunjini, wangena ngenyanga ka—kaMeyi, ngosuku lweshumi nesikhombisa kuMeyi, ngenkathi uNowa engena emkhunjini, ngokweBhayibheli. Manje, futhi ngiyamuzwa ethi . . . Wehlela lapha esitezi esimaphansi ekulungisisweni, futhi kwakukhona zonke izinto ezinwabuzelayo. Wakhuphukela esitezi sesibili ekungcwelisweni, futhi kwakuyizinyoni zonke. Kodwa waqhubekela phezulu lapho ukuKhanya kwakukhanya khona phansi, embhaphathizweni kaMoya, emkhunjini. Ngakho wakhuphukela lapho, futhi watshela wonke umndeni wakhe, wathi, "Manje, hlalani nizungeze. Manje, ekuseni, ilanga angeke liphume, amafu amnyama, anjengentuthu, azobe edabula esibhakabhakeni, futhi amanzi azobe ehla."

90 Kodwa ngakusasa ekuseni, ilanga liphuma lishisa njengoba lalihlala lishisa. Ngiyacabanga ukuthi kwakukhona ukudumala ngoNowa, kodwa wayesevele evalelwe phakathi. Usuku lwesibili lwadlula, akwenzekanga lutho. Futhi wahlala lapho izinsuku eziyisikhombisa, izinsuku eziyisikhombisa, emhlola.

91 Yonke indodana, wonke umntwana oza kuNkulunkulu ufanele ahlolwe. UNkulunkulu uzokwehla emhlanganweni, futhi abonise izibonakaliso ezinkulu nezimanga, futhi niyomangala, khona-ke Uzokuhlola kukho ukubona ukuthi ukuqondile ngempela noma qha, amen, akuhlole ukuze abone ukuthi uyakukholwa ngempela noma qha.

92 Khona-ke Wavumela uNowa ukuba ahlale lapho futhi ajuluke ngakho izinsuku eziyisikhombisa, kodwa ngalokho kusa kwesikhombisa, isibhakabhaka sasiduma simnyama,

amathonsi amakhulu emvula aqala ukuna, amapayipi ezitamkoko aqala ukugcwala, nesitaladi saphakama, amanzi kuso, phezulu le phezulu, athi ngqu emkhunjini, wantanta. Abantu bangqongqoza, kodwa waqhubeka waqhubeka, ababi baminza.

93 UNowa wayephikelele ngoba wezwa iPhimbo likaNkulunkulu, futhi wabambelela. Futhi iminyaka eyikhulu namashumi amabili washumayela uMlayezo, akazange abe buthakathaka, waba namandla, wamkholwa uNkulunkulu, wayephikelele.

94 UMose, umprofethi owabalekayo, wayenayo yonke imfundo eyayingagxishwa kuye, ngoba wayeyindodana yendodakazi kaFaro. Futhi wayenayo yonke isayense yezenkolo, wayehlakaniphe kakhulu, wayengafundisa abaseGibhithe ukuhlakanipha. Futhi ngakho konke ayenakho, ngokuqonda ukuthi wazalelwa u mat-. . . impilo yokomoya, noma ukuba ngu—ngumprofethi . . .

95 Abaprofethi abenziwa, abaprofethi bayazalwa. Abaprofethi . . . Kunesiphiwo sokuprofetha eBandleni, kodwa abaprofethi bayazalwa, baneZwi leNkosi.

96 UJesu Kristu wayeyiNdodana kaNkulunkulu yonke indlela ngaphambi kokusekelwa kwezwe, niyakukholwa lokho, iWundlu. Futhi u-Isaya wabona uJohane umBhaphathizi eminyakeni engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba azalwe, "iphimbo lomemeza ehlane." UMose wazalwa engumntwana olungile. UJeremiya, uNkulunkulu wathi, "Ungakabunjwa esizalweni sikanyoko, Ngakwazi, futhi ngakubiza, futhi ngakungcwelisa, futhi ngakugcoba umprofethi wezizwe." Ngaphambi kokuba aze azalwe esizalweni sikanina, wayeneZwi leNkosi kusukela ebuntwaneni kuya phezulu. Lokho ngukuthi . . . Wayengumprofethi.

97 Futhi nangu uMose, wayazi ukuthi wayengumprofethi weNkosi, kodwa wayengakabi naso leso sehlakalo okwamanje, okuthize ukumenza aphikelele, wabaleka ngoba wathola ukuthi isenzo sakhe sezempi asisebenzanga. Futhi khona-ke waphuma wangena ehlane, wayelapho waze waba ikhehla, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, ubuhwanqa bulengela phansi, futhi mhlawumbe ikhanda lakhe elinempandla lase liphenduke laba nsundu kusukela elangeni elikhanya phansi, ngenxa yokwelusa izimvu zikaJetro.

98 Futhi wayephandle lapho ngokunye ukusa, futhi wezwa, futhi wabheka phezulu egqumeni, futhi kwakukhona isihlahla sivutha, wachezukela eceleni ukubona lesisihlahla, futhi ngenkathi elapho, wezwa iPhimbo lithi, "Khumula izicathulo zakho."

99 Manje, ukuba-ke uMose wathi, "Ngizovele ngikhumule isigqoko sami"? Lokho akusebenzi. Yingalesosizathu

iBhayibheli li. . .Ngikholwa ukuthi lonke iZwi laLo lizofanele ligcwaliseke. "Khumula izicathulo zakho," futhi wakhumula izicathulo zakhe.

100 Wathi, "NGINGU Nkulunkulu ka-Abrahama, ka-Isaka, noJakobe. Ngikuzwile ukububula kwabantu baMi. Ngiyasikhumbula isithembiso saMi ku-Abrahama." Amen. Ngijabula kanjani ukuthi Uyakukhumbula futhi namhlanje, ukuthi Uzothulula uMoya waKhe. "Ngiyasikhumbula isethembiso saMi, futhi Ngizokuthumela phansi ukuba ubakhulule."

101 Futhi wenza zonke izinhlobo zezaba, kodwa Wathi, "Impela Ngizoba nawe." Uyazi ngezinye izikhathi-ke, lapho kwenzeka into enjalo, uthola ukuphikelela kakhulu.

102 Futhi uMose wayephikelele kakhulu. Akazange alinde aze abumbe ibutho. Uyazi, ngesinye isikhathi, uma uthola ukuphikelela futhi uzwe iPhimbo likaNkulunkulu, kukwenza wenze izinto eziyinhlekisa emqondweni wenyama, uziphatha ngokuxakile, okuhlekisayo, ungumuntu oyinqaba. Bukani ukuthi uMose waziphatha ngokuyinhlekisa kanjani: Ngosuku olulandelayo simthola nomkakhe behlezi begxamalazele umnyuzi, noGereshomi enqulwini yakhe, nendoda endala nobuhwanqa obulenga *kanje*, intshebe iphephezela, nendoda endadlana eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili iphethe induku egwegwile esandleni sayo, yehla ngomgwaqo, "Haleluya! Haleluya!"

"Uyaphi, Mose na?"

"Ngehlela eGibhithe, ukuyolidla," ukuhlasela komuntu oyedwa. Ngani na? Wayemzwile uNkulunkulu.

103 Uthi, "Mose, awume kancane, ilanga lishise kakhulu, kukhona okungalungile ngawe. Izimo zakho—zakho zengqondo azilungile, Mose, buyela emuva."

104 Uzama ukummisa! Ubungeke ukwenze. UNkulunkulu wayemtshelile ukuthi wayezolidla, futhi wakwenza. Angahle aziphathe ngokuyinhlekisa, kodwa wayazi ukuthi wayenzani, wayenomqondo kaNkulunkulu, wayeyazi intando kaNkulunkulu. Wayazi ukuthi wayenzani, wasuka wahamba. Futhi noma yimuphi umuntu ongangena kulesosimo, uyazi kahle ukuthi uNkulunkulu umbizele ukuthi enzeni, kukhona okuzokwenzeka. Yebo, mnumzane. Angikhathali ukuthi ubani, ukuthi ugula kanjani, kuthiwani ngakho konke, ufanele ukukholwe, khona-ke uba ngonesineke. Akukho okuzokumisa. Kunjalo.

105 UDavide omncane, emi lapho emhlabathini ngalolosuku, wabuka laphaya, futhi kwakukhona loyo Goliyathi omdala omkhulu laphaya, iminwe engamayintshi ayishumi nane, nomkhonto wenalithi yomaluki esandleni sakhe, kwakukhona uSawule, ikhanda namahlombe kungaphezu kwebutho lonke.

106 Futhi uGoliyathi omdala, niyazi, yileyondlela isitha esenza ngayo, uma ekufica endaweni afuna ukukuhlikihla kancanyana, wathi, "Masingabi nakuchitheka kwegazi." Wathi, "Dedelani—dedelani eyodwa yamadoda enu ize futhi ilwe nami, futhi—futhi uma ingibulala isizwe sami—sami sizonikhonza, uma ngiyibulala, khona-ke isizwe senu sizongikhonza." Niyabona ukuthi bafuna ukukwenza kanjani, ngoba wayecabanga ukuthi wayenakho.

107 Kodwa wakusho ngesinye isikhathi ebusweni bendoda eyazi uNkulunkulu. Hhayi nje indoda eqeqeshelwe kwezempi, yayingazi lutho ngakho, kodwa yayimazi uNkulunkulu, uDavide omdadlana. IBhayibheli lathi wayebomvana, umfo omdadlana omncanyana phandle lapho, amahlombe aqhothile, isaka elincane ohlangothini lakhe *lapha*, nesikhwama iskriphu esinokudla kwezimvu kuso, wenyukela lapho ukuzovakashela abafowabo.

108 Wathi, "Niqonde ukungitshela ukuthi nizovumela lowo mFilisti ongasokile, ame lapha, futhi adelele amabutho kaNkulunkulu, ethi izinsuku zezimangaliso selwedlule na?" O, he. Indoda enje ayeyiyo! Indoda encane kunawo onke esixukwini, inganyana nje.

109 Kodwa ini? Wayazi, wathi, "I. . .Ngeliny'ilanga, elinye la. . .ibhubesi liyangena lathatha imvu kababa layikhipha. Ngalilandela nendwayimane yami, ngabuya nayo. Kwangena ibhere, ngalibulala ibhere." Wathi, "Futhi uNkulunkulu ofanayo," Haleluya! "owangikhulula ebhubesini nasebhereni uzonikela lowo mFilisti ongasokile esandleni sami." Mmise uma ungakwazi!

110 O, uSawule, bavele bamletha phambi kukaSawule, ujenene, noSawule wathi, "Manje, ndodana, ngiyasasisa isibindi sakho, kodwa uyazi, awunamfundo eningi ekulweni, awazi ukuthi kwenziwa kanjani. Mhlawumbe sizovele sikugqokise. . .zama ukugqoka ivesti yami." Futhi wagqoka leyonto enkulu kakhulu, uDavide omncane bandla wayemagwenxe eyifakile. Wafika wathola ukuthi i. . .ivesti yakhe yobufundisi ayiyenelanga indoda kaNkulunkulu.

111 Ngakho wathi, "Lahla into, angazi lutho ngayo. Angazi lutho ngalokhu lapha, konke lokhu lapha ukuthi uwusho kanjani u 'Amen' kahle nje, futhi izwi nokubhalwa nokukhulunywa kolwimi kwakho kahle nje." Wathi, "Mangihambe ngendlela engimethembe ngayo uNkulunkulu, mangihambe nalokho engithembele kukho." Amen.

112 Futhi niyazi ukuthi kwenzekani. Impela. Wayephikelele, kungekho nokukodwa ukuvevezela egazini lakhe, waphuma lapho futhi wacosha amadwala amahlanu, u-J-e-s-u, wasonga indwayimane ngeminwe emihlanu, k-h-o-l-o, ukholo ku u-J-e-s-u, futhi nakhu eza ethembele kuNkulunkulu ukuthi enze konke.

113 Yilokho kuphela okumele ukwenze, yiba nokukholwa kuJesu, Ukufa kwaKhe, ukumbelwa, ukuvuka, ukuba sezindaweni zonke kwaKhe, ubuyena baKhe manje, isithembiso saKhe, iziphiwo zaKhe, ukubonakaliswa kwaKhe. Yilokho kuphela okudingeka ukwenze, yiba nokukholwa, futhi uhlangabezane nanoma yiluphi uhlobo lwesithiyo, uma kubizwa ngokuthi umdlavuza, ukukhubazeka, noma ngabe kuyini, hlangana naye enkundleni.

114 UNkulunkulu ongavusa umphefumulo wakho onesono ekuphileni kwesono angakukhulula kunoma yikuphi ukugula noma isifo onaso. Ufanele ube nalokho kukholwa, uphikelele, ubambelele kukho, ungakudedeli, uyabo.

115 Kodwa awukwazi ukukukhohlisa, ngeke kuthathe ukukhohlisa. Ungahle ubekahle ukuba ukhohlise ngapha e. . .Qhubeka laphaya lapho esihlangana khona nezinyanga-bathakathi nabo, labodeveli, ungazami ukubakhohlisa, ufanele ube nalokho okhuluma ngakho ezinkundleni zemishini. Ngokufanelekile.

116 Manje, lapha, useqenjini lezihlakani lapha eMelika, bathatha izinto zobuhlakani. Yingalesosizathu inkonzo ingahambanga kahle kakhulu lapha, ubuhlakani nje, ubuhlakani. Kodwa angithunyelwanga kuleloqembu empeleni, ngathunyelwa eqenjini lelo, njengoba u-Abrahama wayenjalo, lowo owabizelwa ngaphandle. Yebo.

117 Lapho, uSamsoni. Manje, inqwaba yabantu babecabanga ukuthi uSamsoni wayene. . .Ngisibonile isithombe sakhe sidwetshwe ngo, kwakubukeka sengathi, wayenamahlombe, usayizi womnyango wenqolobane. Ngani, qhabo. . .Indoda engako na? Kwakungeke kube namfihlo ukuthi umuntu onjalo wayengacosha ibhubesi, alidwengule kabili. Kepha wayengomncane, isigqunswana esincane esinekhanda elinezinwele ezisongekile, umfo omdadlana omncanyanyana, amagoda ayisikhombisa amancane elengela phansi emhlane wakhe njengomfana kamama, osasitabane omncane. Manje, ukubona umfo *onjalo* ebulala ibhubesi, kukhona okuthize. . . akumangalisi amaFilisti amangala ukuthi lawo mandla afihliweyo avelaphi.

118 Ngani? Wayengaqiniseka kanjani na? WayengumNaziri, wayenesifungo esivela kuNkulunkulu. Mm! Niyazi ukuthi wonke umntwana ka-Abrahama ungumNaziri onesifungo esivela kuNkulunkulu, azifunga Yena na?

119 USamsoni omncane, umfo omncane onekhanda elinezinwele ezisongekile, omncane. . .amagoda amancane ayisikhombisa elengela phansi emhlane wakhe, ibhubesi liyaphuma libhonga, uSamsoni wayeyindoda encanyana emi lapho, kodwa niyaqaphela, uMoya weNkosi wehlela kuye. Lokho kwenza umehluko. Mbhekeni emi ngaphandle esigangeni, ngalolosuku,

lapho inkulungwane yamaFilisti yayimzungezile, waqalaza, wayengeke abe nalutho, yena . . . ukulwa ngalo, wabuka phansi, wacosha umhlathi womnyuzi.

120 Awu, noma ubani uyawazi umhlathi omdala osewabamhlophe womnyuzi . . . Futhi lezozigqoko zokuzivikela zamaFilisti zazingcono kuneyintshi ugqinsi lwethusi, kanye nesambatho salokho abakubiza nge "nsimbi," okwakuyinsimbi egamanxene, phansi *kanjalo*, nemikhonto, nezihlangu ezinkulu, inkulungwane yazo. Kodwa uMoya weNkosi wehlela kulesosigqunswana esincane, wafinyelela emuva lapho futhi wawezwa lawomagoda ayisikhombisa, wayazi ukuthi wayesengumNaziri. Haleluya! Wathatha okwakusesandleni sakhe, wayeseshaya lezozingebhezi zekhanda phakathi ngqo ngalowomhlathi omdala.

121 Noma ubani uyazi ukuthi ushaya olunye lwalezozingebhezi zekhanda ngalowomhlathi omdala, uzondiza izingcezu eziyisigidi, kodwa uNkulunkulu wayelapho ukuwubamba awuhlanganise, futhi washaya phansi futhi wabulala inkulungwane yamaFilisti. Wayephikelele. Ngani na? Wayengesabi, wayesizwa lesosifungo somNaziri sinaye. Haleluya!

122 Owesilisa noma owesifazane angabuzwa uBukhona bukaJesu Kristu, azi ukuthi uzelwe ngokusha ngoMoya oNgcwele, ungavumeli lutho lume endleleni yakho. Uphikelela, lapho uNkulunkulu ekhuluma phansi futhi ethi, "Nguwe, ngikunika ukukholwa kulobubusuku. Ukuphulukiswa kwakho kuqinisekile. IZwi laMi," khona-ke ungaphikelela. Impela.

123 UJohane umBhaphathizi wayephikelele kakhulu kangangokuthi wayezobona uMesiya. Manje, uJohane wazalwa . . . Asinakho okuningi ngaye. Siyazi ukuthi uyise, uZakariya, wayengumpristi, ephuma ozalweni lwabapristi. Kodwa uJohane akazange alandele ezinyathelweni zikayise, uMlayezo wakhe wawumkhulu kakhulu, wayengeke akwazi ukuhamba ngendlela yobufundisi yangalolosuku, awusoze.

124 UJohane wayazi . . . Abazali abadala, sebekhulile ngenkathi uJohane ezalwa, bazi lokho, kufanele kube yinto ethize, lomfana, inhliziyo ebuhlungu ngabo, babemazi umfana wabo, babengeke baze bakwazi ukumbona, ngoba ukuguga kwakuzobathatha ngaphambi kokuba kufike isikhathi sakhe, kodwa babazi ukuthi wayezoba ngumprofethi. INkosi yayikhulume ngakho, futhi babekwazi. Kumele ukuthi kwazilimaza izithandani ezindala.

125 Siyatshelwa, ngokomlando, cishe iminyaka eyisishiyagalolunye, eyishumi ubudala, umfana, uyise nonina bafa futhi wasala yedwa. Esikhundleni sokwehlela ekolishi lezenkolo ukuyokwenza ngendlela uyise enza ngayo . . . Umsebenzi wakhe wawubaluleke kakhulu, uNkulunkulu

wayengenakubaxubanisa. Kwakukhona abanye babafo abathi, "Manje, Johane, uzokwethula uMesiya, awunjalo na?"

"Yebo, mnumzane. Kunjalo."

"Awu, uyazi, uDkt. *S'bani-bani*, umBhishobhi oNgcwele *S'bani-bani* lapha? Awucabangi ukuthi uyindoda ekulungele lokho na?"

"O, ngiyacabanga . . . "

"O, qhabo, Rabi, unephutha. UmBhishobhi oNgcwele u*S'bani-bani* u*njalo* nje."

126 Manje, ungake uthole umbhedo onjalo, oxubene na? UJohane wayengeke axubanise, nento enjalo. Uyazi ukuthi wayaphi na? Waya ehlane, eyedwa noNkulunkulu. Futhi uNkulunkulu wamtshela phandle lapho, wahlangana naye ehlane, futhi wathi, "Johane, oyakubona uMoya ehlela phezu kwaKhe, ahlale kuye, Nguye Ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo."

127 UJohane wayeqinisekile kakhulu ukuthi wayezoMethula, wema ezingwini, wathi, "Kukhona Omi phakathi kwenu manje eningamazi nokumazi." Amen. Wayazi ukuthi Wayeza ngaleyonkathi. BabeMbhekile iminyaka eyizinkulungwane ezine, kodwa wathi, "Kukhona Omi phakathi kwenu njengamanje eningamazi, NguYe."

128 Angeke uthi "*Lona*, *lowo*." Niyabo, wayefanele athole ukuqeqeshwa kwakhe kahle, wayefanele azi lesosibonakaliso sikaMesiya. Wayefanele azi ukuthi lowoMesiya wayezoba yini. UNkulunkulu wayezokhombisa eseZulwini ukuthi lowoMesiya wayeyini. Futhi uJohane wathi, "BengingaMazi. Kodwa owangitshela ehlane, 'Hamba ubhaphathize ngamanzi,' wathi, 'Lowo uMoya owehlela kuye futhi uhlala, futhi,'" uJohane wathi, "Ngiyafakaza," amen, "ukuthi Leyo yiNdodana kaNkulunkulu, ngoba ngilibonile iJuba lehla." Akekho omunye owaLibona; akekho omunye owayeLibhekile. Kodwa uJohane wayeLibhekile, futhi uJohane waLibona.

129 Angikhathali ukuthi bangaki abehlulekayo ekuphulukisweni kwabo, kukholwe ukuthi nguwe. Kubambe. Angikhathali ukuthi uJones wenzeni, noma bonke abanye, bambelela kukho futhi uphikelele lapho uNkulunkulu ekwembula kuwe ukuthi iNdodana yaKhe ikukhululile esonweni nasekuguleni. Bambelela kukho, phikelela. Yebo. UJohane wayazi.

130 Uthi, kungcono ngiyeke, angisoze ngafika endikimbeni yami. Niyazi ukuthini? Lona wesifazane wayengumGreki, ebengikhuluma ngaye, futhi wayengowesinye isizwe, futhi, kodwa wezwa ngoJesu. Ukukholwa kufika kanjani na? Ngokuzwa, ukuzwa iZwi. Wena uthe, "Kanjani . . . " Awu, wezwa ngaYe, UyiZwi. Ngakho WayeyiZwi, futhi wezwa.

131 Manje, wayenenqwaba yokumelene naye. Kodwa lalelani lokhu manje, ukukholwa kuthola umthombo abanye abangawuboni. Ukukholwa kuthola umthombo abanye abangeke bawubone. Ukukholwa kuyinhlekisa kuwo wonke umuntu ngaphandle kukaNkulunkulu nomfo onakho. Kuyinhlekisa kuwo wonke umuntu ngaphandle kukaNkulunkulu nomuntu onokukholwa, manje kuyi—yi—kuyisiqiniseko kubo. Kungukuqiniseka kuNkulunkulu, futhi kungukuqiniseka kumuntu onakho, kodwa bonke abanye bacabanga ukuthi bayahlanya, bahlale benjalo. Kodwa kuqinisekile kubo.

132 IZwi laKhe liyiNkemba. AmaHeberu 4:12 asho ukuthi iZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili. Manje, inkemba yokukholwa mu-. . .INkemba yeZwi ifanele iphathwe ngesandla sokukholwa. Akukho okunye okungabamba leyoNkemba ngaphandle kokukholwa eZwini.

133 Manje, abanye abantu bangathatha iZwi futhi—futhi basike ngokwenele ukujoyina ibandla. Lokho cishe kude njengoba bekuthola. Abanye bangasika bafake, basike bakhiphe sonke isithembiso sikaNkulunkulu, basike phansi isithembiso sikaMoya oNgcwele, basike bakhiphe ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Kuya ngokuthi siqine kangakanani leso sandla sokukholwa esibambe leyoNkemba.

134 Zonke izithembiso zingezakho. Ibukhali ngokwanele ukusika yonke into eseduze nawe isuke, futhi ikwenze indodana nendodakazi kaNkulunkulu, ukhululekile kukho konke. Kodwa kuya ngokuthi hlobo luni lwesandla esibambe leyoNkemba, kufanele kube yisandla sokukholwa.

135 Lona wesifazane ompofu kungahle ukuba wayenezithiyo eziningi, kodwa ukukholwa kwakhe kwakungenazo. Qhabo. Ungahle ube nenqwaba yezithiyo. Mhlawumbe udokotela wakho uthi ngeke kwenzeke. Kodwa uma unokukholwa, akwenzi mehluko ukuthi omunye umuntu uthini, ukukholwa kwakho akunasithiyo, ukukholwa kwakho kuyakubona. "Kuyizinto ezithenjwayo, ubufakazi bezinto ezingabonwayo." U-Abrahama wabiza izinto ezingekho ngokungathi zazikhona, ngokuba uNkulunkulu washo njalo.

136 Ubungathini nje u-Abrahama, lelokhehla? Manje, uneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala ngaphambi kokuba uNkulunkulu ake ambize, USara wayeneminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu, lokho cishe sekwedlule ngeminyaka engamashumi amabili ukuya esikhathini. UNkulunkulu wathi uzoba nengane, futhi Yena uzo, "Ngaye Ngiyobusisa izwe, ngaye, zonke izizwe. Zikubiza ngobaba wezizwe."

137 Ubungathini nje ikhehla, elineminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, nesalukazi, amashumi

ayisithupha-nanhlanu, behlela ezansi manje kudokotela, futhi bethi, "Dokotela, singathanda ukwenza amalungiselelo egumbi lasesibhedlela, sizoba nengane."

Udokotela ubengathi, "Mnumzane, uneminyaka emingaki ubudala na?"

"O, amashumi ayisikhombisa-nanhlanu nje."

"Uneminyaka emingaki ubudala yena na?"

"Amashumi ayisithupha nanhlanu."

138 "O, o, impela, mnumzane. Ngiyakutshela, yithi shelele." Uyobiza udokotela wengqondo, futhi ehle, bese ethi, "Hlola ingqondo yekhehla, kukhona okungalungile. Ungayivumeli leyondoda emgwaqeni, iyingozi."

139 Ngani? Wonke umuntu oke athathe iZwi likaNkulunkulu uthathwa kanjalo. UNkulunkulu uthatha ubuwula bokushumayela ukuze Azibonakalise ngabo.

140 IZwi laKhe, ukukholwa iZwi laKhe! Ngibona kudlula izinsuku ezingamashumi amabili nesishiyagalombili zokuqala. Manje, niyabo, manje, u-Abrahama wayehlale nalo wesifazane kusukela eseyintombazanyana, kwakungudadewabo ingxenye. Washada naye, cishe eneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala. Futhi ngakho, waya ngale futhi wathi, "Sara, unjani, s'thandwa na? Kukhona okuhlukile na?"

"Lutho nakancane."

141 "Udumo kuNkulunkulu, sizoba nayo ingane noma kanjani. Lungisa amabhuzu amancane, yonke ingubo emagqabhagqabha, nophini, nakho konke. Lungela. Sizoba nayo."

"Wazi kanjani ukuthi uzoba nayo na?"

"UNkulunkulu washo njalo." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Inyanga yesibili, yedlula "Uzizwa kanjani, Sara?"

"Akukho kwehluka."

"Udumo kuNkulunkulu, kuyisimangaliso esikhulu ngenye inyanga. Haleluya!"

Kwadlula unyaka, "Uzizwa kanjani, s'thandwa na?"

"Akukho kwehluka."

"Udumo, sekungunyaka ngaphezulu."

Futhi kwadlula iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, "Uzizwa kanjani, Sara?" Omdala nobuthakathaka, "Uzizwa kanjani?"

"Akukho okuhlukile, s'thandwa."

"Udumo kuNkulunkulu, sekuyisimangaliso seminyaka engamashumi amabili nanhlanu ngaphezulu."

142 Futhi sithi siyiNzalo ka-Abrahama. E-hhe. SinoMoya oNgcwele, "Awu, ngikhulekelwe izolo ebusuku, kodwa ngiqinisekile angikutholanga ukuphulukiswa." Uyizaba ezidabukisayo ngenxa yeNzalo ka-Abrahama. "U-Abrahama wabiza lezozinto ezazingekho ngokungathi zazikhona." Amen. Haleluya! Ngokuba wakholwa ukuthi lokho uNkulunkulu akuthembisile, uNkulunkulu wayemkhulu ngokwenele ukugcina iZwi laKhe. Amen. Nakho la sikhona. INzalo ka-Abrahama, mangingangeni kulokho.

143 Manje, lona wesifazane wayenokuningi okuphikisana naye, wayengumGreki. Futhi manje, wayengowelinye ihlelo, futhi babeyothi e, "Manje, awume kancane, ungumGreki, ungehli, ngoba umelusi wethu akaxhasi." O, ngiyaxolisa. Kulungile. Noma kunjalo, "Uyazi, ungowa*leli*. Unge—ungehleli lapho manje, ngoba . . . "

144 Kodwa lokho akuzange kummise, wayenokukholwa. Ukukholwa kwakubambile. Ngani? Wayenendodakazi edinga ukuphulukiswa, futhi wayazi ukuthi kwakukhona amandla okuphulukisa. Wezwa ngaYe ephulukisa abanye, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa," futhi wayelapha-ke. Waqhubeka noma kanjani, lokho akuzange kumthiye.

145 Mhlawumbe wahlangana nelinye iqembu, bathi, "Manje, buka s'thandwa. Manje, Melinda," Melissa, enye into ethize, noma ngabe bengaba yini, bambiza. Ngethemba ukuthi akukho muntu lapha onalelogama. Kodwa noma kunjalo, kulungile, kungaba ukuncoma. "Uthi, lalela, Melinda. Uyazi ukuthini? Izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into enjalo. Ungehleli lapho, uzoletha ihlazo kuphela."

146 Wayenesineke. Ukukholwa kwase kuvele kugxilile phakathi lapho, akunandaba noma ngabe umelusi wayebambisana, noma ngabe ihlelo lakhe liyakholelwa kukho noma qha, noma ngabe abantu bakubo bayakholelwa kukho, noma kukhona okholwayo ngaphandle kwakhe. Ukukholwa yinto yomuntu ngamunye. Yebo, mnumzane. Nguye, noma ngabe izinsuku zezimangaliso lwase lwedlule kubo bonke noma qha, kwakungesikho okwakhe.

147 Kwakukhona umfo owangitshela kungekudala, wathi, "Angikhathali ukuthi bangaki abantu ongababaphulukisa," noma okunye nokunye kanjalo. Wathi, "Angikholelwa ekuphulukiseni."

148 Ngathi, "Impela. Kwakungekhona okwabangakholwayo, kwathunyelwa abakholwayo kuphela nje, okwalabo kuphela, abakholwayo nje." O, ukungakholwa kwakho akukufikisi ndawo, kuyakuvimbela nje, yilokho kuphela, ungammisi uNkulunkulu; UNkulunkulu uyaqhubeka ngqo ekwenza ngokufanayo nje.

149 Bathi, "Angeke uwuthole uMoya oNgcwele, wanikezwa abaphostoli abayishumi nambili kuphela." Lokho akummisi

uNkulunkulu, Uqhubekela phambili ngqo ekwenza, abantu beWuthola. Bangahle bangakwazi ukukuchaza, kodwa banaWo ngokufanayo nje nokho.

150 Ngeke nginitshele ukuthi inkomo emnyama ingadla kanjani utshani obuluhlaza, futhi inikeze ubisi olumhlophe, kodwa iyakwenza, kunjalo impela nje. Ngakho angikwazi ukukuchaza, angazi ukuthi kwenziwa kanjani, kodwa ku—kuyenzeka noma ikanjani. Angizami ukukuchaza. Uma ungachaza uNkulunkulu, khona-ke akusesikho ukukholwa. Konke okuthola kuNkulunkulu kufika ngokukholwa. Amen. Angeke ukuchaze. Angeke umchaze uNkulunkulu, uyamkholwa uNkulunkulu. Amen.

151 Manje, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule." Wayephikelele. Omunye udade okahle wahlangana naye ekhoneni mhlasimpe, wayesethi, "Uyaphi namhlanje ekuseni na?"

"Ngizohlangana noJesu waseNazaretha."

"O, a—akasiye owehlelo lethu."

"Akwenzi mehluko, nginendodakazi enesidingo, futhi izophulukiswa. ngizoyitholela . . . "

152 "Uyazi ukuthini? Ngiyakutshela, ngiyazi umyeni wakho ungusomabhizinisi lapha edolobheni, uzokushiya. Ngokuqiniseka njengoba uhamba, uzoba necala lesahlukaniso." Wayesalokhu ephikelela. Wayehamba, noma ikanjani. Wayenesineke kakhulu.

153 Abanye babo bathi, "Uyazi, Melinda, uma uza ebandleni ngesikhathi esizayo, uzoba, yinhlekisa yebandla, ngoba wehlela lapho ukuba nje uzenze isiphukuphukwana, uzixubanise, lesosigejane sabagingqiki abangcwele. Futhi nakho—nakho lapho okhona. Niyabo, uzothathwa njengomunye wabo. Wonke umuntu ebandleni uzokuhleka lapho uhamba ngeSonto elizayo."

154 Wayesalokhu ephikelela. Akukho okuzommisa. Uyaqhubeka noma ikanjani. Ini? Ukukholwa kwase kugxilile. Wayenesineke, akukho okwakuzomisa, wayezoqhubeka noma ikanjani. Yebo.

155 Kwase kuthi-ke, nakhu kufika omunye wamalunga ebandla, wayesethi, "Uyazi ukuthini? Uma wehlela kulowomhlangano, ngiyakutshela ukuthi kuzokwenzekani, uzoba *nobusonto*. Yilokho kuphela okukhona kukho. Bazokukhiphela ngaphandle kwebandla. Ngokushesha nje lapho uzihlanganisa nalesosigejane sabantu ezansi lapho nalobobuhlanya, impela uzokhishwa ebandleni."

Wayesalokhu engonesineke, wayehamba. Akukho okwakuzomisa, wayezofika lapho.

156 Wasuka wahamba. Ekugcineni wafika. Manje, wayecabanga ukuthi kwase kuphelile, yilokho kuphela. Ngakho lapho efika kuJesu, wathi . . . Wabezwa bonke abanye, ekuMbizeni, "Ndodana kaDavide," wathi, "Wena Ndodana kaDavide."

Manje, wayengoweZizwe, hhayi “INdodana kaDavide” kuye, Yena, lokho. Wathi manje, “Ndodana kaDavide, hawukela indodakazi yami.” Futhi wahlangabezana nokudumala ngemva kokufika kuJesu. O, kumangalisa kanjani, kodwa wakwenza. Waba nokudumala.

157 UJesu wamazisa, ukuthi “Angithunyelwanga esizweni sakho, Ngithunyelwe kumaJuda kuphela.” O, he. Ngabe lokho bekuyokhipha omunye umoya kithina maPentecostal! Hhayi yena, wayebambe okuthize. Wathi, “Angithunyelwanga kodwa ezimvini ezilahlekileyo zendlu ka-Israyeli. Angithunyelwanga kini, isizwe sakho, uhlobo lwakho lwabantu, angithunywanga nhlobo.”

158 Emva kokuba esedlule kuzo zonke lezizithiyo ukuze afike kuYe, kwase kuthi-ke lapho esefika kuYe, eMuzwa esho lokho “Angithunyelwanga kini, isizwe sakho,” ingabe lokho kuzokumisa ukukholwa na? Qhabo, mnumzane.

159 Futhi khona-ke Wathi, “Kambe, anilutho ngaphandle kwesigejane sezinja.” O, he. Ngabe lokho—ngabe lokho kusinqobile thina maPentecostal! O, he, besiyoqhuma njengexoxo lidla inhlamvu. Singaba ne. . . Kungani singaba . . . Bekuyoba kubi kakhulu. Sine . . .

160 Kodwa wayengesona isitshalo engajaneni yokukhulisa izitshalo. Kwakungadingeki ukuthi afuthwe njengesitshalo engajaneni yokukhulisa izitshalo. Wayengekhona okubhasteliwe, njengezinye izitshalo zanamuhla. Wayebambe ukukholwa. Haleluya! Inkathazo yakho ingukuthi namuhla, sinezinto eziningi ezibhasteliwe. Kunjalo impela.

161 Ngifunde isiqephu kwi*Reader’s Digest*, esikhathini esingeside esedlule, lapho abantu, abesifazane bethu bedla lenyama yenkomo ebhasteliwe, ummbila obhasteliwe, nayo yonke leyonto, izimpephelesi zokusanhlamvu, ukuthi bakhula ngokuncipha ezinqulwini. Futhi eminyakeni engamashumi amabili kusukela manje, uma kungenziwa okuthile, isayense ithi owesifazane angeke esabe nengane yakhe. Kuyabulala. Noma yini ebhasteliwe ayilungile.

162 Ngiyehla, ngibone isayini enkulu kakhulu, yathi, “IPhunga elijiyile” noma into enjalo, “uMbila oBhasteliwe, odlula konke.” Ezinkulukazi, izikhwebu ezinhle, kodwa azilungile. Akusizi ngalutho, zama ukuphinda ukutshale futhi ubone ukuthi kuzokwenzekani.

163 Manje, lokho kuthatha isayensi futhi kufakazise impikiswano yabo uqobo iyiphutha, mayelana nomuntu wasekuqaleni. Thatha noma yini futhi uyixubanise, uyibhastele, futhi ayikwazi ukuzizala yona futhi. Thatha i—ihhashi lensikazi ulizalanise nembongolo yeduna, futhi kuzoveza umnyuzi. Kodwa lowomnyuzi awukwazi ukuzala futhi uthole omunye umnyuzi, kuyawubulala khona lapho. Kunjalo.

164 Futhi noma yini engicabanga ukuthi ayazi lutho umnyuzi, ibhastela, izindlebe ezinde ezindala ezinkulukazi, zihlezi lapho. Uyazi, angeke ubatshele lutho. Kunenkolo yomnyuzi eningi kakhulu namhlanje, yileyo-ke indaba ngezwe. Bahlezi lapho nalobobuso obude obulalise izinkophe, niyazi, futhi nithi... ngingasho...bashumayele ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, namandla kaNkulunkulu, bathi, "Hawu, hawu. Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Angiyikholwa leyonto endala. Ungakwenzi...Hawu, hawu." Endala nje, yokungazi, inkolo yomnyuzi. Yilokho kuphela. Awazi ukuthi uvelaphi, angeke neze uwufundise lutho. Akunandaba, uzolinda impilo yawo yonke ukuba uthole, ukukhahlele ngaphambi kokuba ufe, uyakwazi lokho.

165 Ngike ngaphatha amahhashi, ngasebenza epulazini elikhulu, ngiyakwazi engikhuluma ngakho. Into nje isidomu esidala. Kodwa ake...Awazi ukuthi wona uvelaphi. Awazi ukuthi ubani ubaba wawo, ubani umama wawo, noma lutho okunye.

Kungaleyondlela ngezinye zalezizinkolo ezibhasteliwe namuhla, abazi ukuthi ubani ubaba wabo. Uthi, "Ngani, ingabe ungumKristu na?"

"NgiyiMethodisti." "NgingumBaptisti." "NgiyiPresbyterian. Ngi..." O, awazi ngisho ukuthi uvelaphi.

166 Kodwa o, ngilithanda kanjani ihhashi elihle lohlobo! Mfowethu, angakutshela...Bangabuka uhlu lozalo lwakhe, futhi ungabona ukuthi kwakungubani ubaba wakhe, umkhulu wakhe, ugogo wakhe, yonke indlela eya emuva ngoba uwuhlobo.

167 Futhi ngiyathanda ukubona umKristu wohlobo lwangempela owazalwa ngeZwi likaNkulunkulu. Uyazi Lapho evela khona, uyazi ukuthi uBaba wakhe ngubani, uyazi ukuthi uMama wakhe ngubani. Akusilo ihlelo elithile lomphakathi, ngamandla kaNkulunkulu, iNdodana kaNkulunkulu, wafa kuye uqobo, futhi waphinda wazalwa kabusha. Uyisidalwa esisha kuKristu Jesu. Umnene, ungamtshela okuthize, uzogcizelela lonke iZwi likaNkulunkulu ngo "Amen."

"Uyakukholwa *lokhu*?"

"Amen."

"Izinsuku zezimangaliso lulapha."

"Amen."

"UJesu Kristu, unguye izolo, naphakade."

"Amen." Ngiyazi—ngiyazi lapho evela khona. Yebo, mnumzane. Uyindodana kaNkulunkulu. Yebo, kunjalo.

168 Kodwa lowomnyuzi, lelobhastela, lakhanywa *lapha* wase ethatha amaphepha akhe esuka kwelinye ibandla waya kwelinye, wawelela kwelinye. Awulifaki ngani phezulu Lapho ngesinye isikhathi, eNcwadini yokuPhila yeWundlu lapho

elingayikusuka khona na? Amen. Uyazi ngizizwa nginokholo impela khona manje, qobo lwami. Ukhuluma mayelana. . . Ngizwa sengathi ngingamemeza. Yebo, mnumzane. O, impela. Yena. . . Awudingeki ukuthi umfuthe.

169 Ibhastela. O, wena uthi, "Sinamabandla awedlula onke." Futhi yilokho okungahambi kahle ngamaPentecostal ethu, ukulungisa into efanayo. O, sicabanga ngesikhulukazi, isakhiwo esihle, omunye umfundisi onobuhlakani angasukuma, futhi—futhi aphume futhi avume ukugeza okuxubile, nakho konke okunye, nalolonke lolu olunye uhlobo lombhedo, avumele abesifazane baphungule izinwele zabo, bagqoke izikhindi, nakho konke okunye, futhi bakubiza ngo "kukhululwa kwabesifazane." Umbhedo. Kunjalo. Kuyisono, nehlazo.

170 Esikudingayo namhlanje yimvuselelo enhle eyimfeshini endala kaPawulu oNgcwele, noMoya oNgcwele weBhayibheli, namandla kaNkulunkulu abuyele ebandleni futhi ukulikhipha. Yebo, siyakwenza. Kunjalo impela.

171 [Umfowethu ukhuluma ngezilimi nomunye uyahumusha—Umhl.] Malibongwe iGama leNkosi. Simbonga kanjani uNkulunkulu! Akadunyiswe uNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Amen kulokho. Sikholwa njengoba uNkulunkulu ekuthumela. Qaphelani, futhi siyakwamukela, ngokuyikho.

172 UNkulunkulu ufuna amaKristu azelwe ngokusha angempela. Ufuna abesilisa nabesifazane abathengiselwe kuNkulunkulu ngempela, futhi hhayi. . . Niyazi, iHollywood iyacwebezela, futhi abantu ba. . . iphethini kakhulu, sisondele kakhulu eHollywood. I—iVangeli alicwebezeli, liyakhazimula. IHollywood iyacwebezela ngobukhazikhazi, futhi ibandla likhanya ngobukhazikhazi, kodwa i—uMoya oNgcwele ukhazimula ngokuzithoba.

173 Lapha kungekudala, ngangifanele ngikhulume eChicago, nomfundisi othile, ngenxa yokwehluka, yena. . . ngangingeyena owenhlangano yakhe, benza ukuyaleza, futhi abantu babefuna ngize ngibakhulumele, Bengingeke ngikwenze noma kanjani, kodwa wathi, "O, qhabo," wathi, "uwuhlanya olujwayelekile." Wathi, "Uyi. . . Konke akwenzayo ukuklabalesela abantu," nokunye nokunye kanjalo.

174 Futhi uthole udokotela omkhulu kakhulu wezobuNkulunkulu, ozayo. Unyuka namaphepha anele nentshumayelo yobuhlakani ebingenza noma yini. Wafika phezulu lapho, isifuba esiqumbile, ukhololo omkhulukazi ophendulelwe, futhi uqala ukukhuluma, niyazi, ngamazwi akhe anethonya kakhulu, futhi kanjalo. Futhi o, he. Futhi wathola ukuthi akuhambanga nabantwana bakaNkulunkulu; bavele bahlala lapho futhi babuka.

175 Futhi emva kwesikhashana wathola ukuthi akuhambanga, ngakho wavala onke amanothi akhe, futhi wehla esuka emsamo namahlombe akhe konke kuthobile *kanjena*.

176 Kwakukhona ongcwele omdala ehlezi laphaya ekhoneni, wangqubuza ngesibhakela omunye, wathi, "Ukube ubekhuphuke ngendlela ehla ngayo, ubezokwehla ngendlela akhuphuke ngayo." Yileyo ndlela nje okungayo namuhla, mfowethu. Besifanele sehle, sifanele sehlele kuMoya oNgcwele futhi, sehlele eBhayibhelini, sibuyele eZwini langempela likaNkulunkulu.

177 Lona wesifazane omncane ompofu, wayenazo zonke izinhlobo zezinto zokumvimbela. Lapho efika kuJesu, yena . . . Wambiza ngenja, futhi wathi, "Akukuhle ukuthatha ukudla kwabantwana, futhi ngikuphonse ezinjeni."

Futhi bheka. Uma lokho bekungomunye wethu maPentecostal, "Awu, angisoze ngabuyela emuva futhi ngizwe lowo mgingqiki ongcwele futhi. Yebo, mnumzane. Abantu babeqinisile."

178 Kodwa kuthiwani ngaye na? Hhayi yena. Wayebambe ukukholwa. Wayenokuthile ayezokuzuza, ukuphulukiswa kwendodakazi yakhe. Akunandaba ukuthi Wathini. Bheka, i—iqiniso . . . Futhi ukuthobeka kuyohlala kuvuma ukuthi iqiniso lilungile.

179 Wathi, "Yiqiniso, Nkosi. Angiyena owabantu baKho. Angiyena umJuda, futhi angilutho ngaphandle kwenja. Kunjalo impela, Nkosi. Futhi akukuhle kuWe ukuthatha isinkwa sabantwana futhi usinike thina izinja. Kodwa, Nkosi, izinja zidla imvuthuluka ngaphansi kwetafula labantwana." Wayefuna imvuthuluka kuphela. Lapho, asimenyelwe imvuthuluka, simenyelwe etafuleni, kodwa wayefuna imvuthuluka.

180 Khumbulani, wayengoweZizwe, wayengakaze asibone isimangaliso. Kodwa kukhona okwakugxilile kuye ukuthi wayekholelwa kokukodwa. Kwakungafanele abone lutho olwenziwe. Babengekho . . . Wayengadingi ukufakazisa kuye ukuthi WayenguMesiya.

181 Wayefana nesifebe uRahabi. Lapho izinhloli zifika, zathola uRahabi isifebe, azizange . . . Akazange athi, "Ngikhuphulele uJoshuwa. Ake ngibone ukuthi uzigqoka kanjani izingubo zakhe, ukuthi uma aqonde kanjani. Ingabe uyabukeka na? Ingabe uyazikama izinwele zakhe na? Unjani yena . . . ?" Wayengafuni . . . "Ini . . . ? . . . Ake ngimbone ekwenza."

182 Wathi, "Ngizwile. Lokho kwanele kimi. Ngizwile." Futhi wayephikelele. Wathi, "Ngiyazi ukuthi sizobhujiswa. Ngingenzani na? Ngibonise umusa. Mangisindise indlu kababa." O, igama lakhe alinasiphosiso. Ungomunye wokhokho beNkosi yethu uJesu Kristu, impela, ngoba wakholwa.

183 Manje, lona wesifazane wathi, “Nkosi, ngiyazi angilungile. Ngiyazi isizwe sakithi siyisigejane sabahedeni, kodwa ngiyazi ukuthi asilutho ngaphandle kwesigejane sezinja, kodwa ngifuna nje imvuthuluka, Nkosi. Indodakazi yami iyagula laphaya, futhi ngiyazi Ungakwenza.”

184 Wase-ke ewa phansi futhi waMkhonza. O, he. O, lokho kuyangibulala nje. Wawa phansi, wathi, “Qiniso, Nkosi, angilutho kodwa inja.” Bheka ukuthi into encane empofu yayilwe kanjani ukuze ifike lapho.

185 Kwase kuthi-ke lapho esefike lapho, futhi Wambiza ngenja, nakho konke okunye, lokho akuzange kumise ukukholwa kwakhe. Futhi ngezinye izikhathi singakhulekelwa, futhi sithi, “Hhe. Kufanele kungabilutho kukho, angizwi kwehluka.” INzalo ka-Abrahama, iyaphikelela, amaKristu, besifanele sikhothamise amakhanda ethu ngamahloni. Kunjalo. Yebo.

186 Kodwa yena, akunandaba ukuthi yini, ngisho nalapho eseBukhoneni bukaJesu Kristu futhi wenqatshwa nguYe, wayelokhu ebambelele. UJesu wathi, “Ngenxa yalelizwi, udeveli uyishiyile indodakazi yakho.”

187 Niyabo, wayazi ukuthi usondela kanjani esiphiweni sikaNkulunkulu. Akazange afike, athi, “Awu, ngizohamba ngibone ukuthi Wenzani. Futhi uma Engenza lezizinto, mhlawumbe wukufunda umqondo, mhlawumbe isayikholoji yakho, mhlawumbe ngumkhuba wokuhlekisa othile, mhlawumbe ukuzenza.” Wayengakaze akuthole ukuphulukiswa kwakhe ayekucelile. Kodwa uza ngendlela efanele, futhi wakwemukela ayekucelile. Ukukholwa njalo kuyavuma ukuthi iZwi liqinisile. Wayephikelele.

188 Amanye nje amagama ambalwa nje manje ngaphambi kokuba sivale, ukuphawula engifuna ukukusho lapha. UMarta, lapho efika kuJesu, wayephikelele. Khumbula, uJesu wayelishiyile ikhaya lakhe, washiya uLazaru. Futhi ngenkathi esegula . . . Nalabobantu base belishiyile ibandla labo. Babenze konke, futhi baphuma, futhi baMbungaza. BabeMbonile enza izimangaliso, kodwa lapho sekufika isikhathi somndeni wabo, Wayengasekho.

189 Futhi bathumela izithunywa kuYe, futhi aKasinakanga isithunywa futhi waqhubekela phambili. Futhi bathumela esinye isithunywa, futhi aKasinakanga leso, impela, waqhubeka.

190 Kungani i . . . Wathi nje, “Angenzi lutho uBaba aze aNgibonise,” uBaba wayeMtshelile. Kwasekuthi-ke lapho uLazaru efa, Wathi, “Ngiyajabula ngenxa yenu ukuthi beNgingekho lapho, kodwa Ngizohamba ngiyomvusa.” Khumbulani, ethuneni Wathi, “Ngisho lokhu ngenxa yabo.” Wazi ukuthi kwakuzokwenzekani, ngoba uBaba wayeMbonisile.

191 Kodwa qaphelani, Wamvivinya uMarta. Nangu ephuma egijima, futhi, “Nkosi, ukube Ubukhona, umnewethu nga

akafanga." Manje, kwakubonakala sengathi wayezoMthethisa, futhi athi, "Kungani uNgezanga na? Buka lokho esiKwenzele khona: SiKuphakelile, siKubungazile, sishiye ibandla lethu, sishiye bonke abangani bethu ukuba siKulandele, nakho konke. Siphuma kukho konke ebesikukho ukuze siKulandele. Futhi khona-ke ngenkathi umnewethu egula, Wena . . ."

192 Kwakubonakala sengathi wayenelungelo lokwenza lokho. Kodwa ngezinye izikhathi . . . Wena uthi, "Sinelungelo," kodwa ulahlekelwa amalungelo akho. Iwundlu ngeke libe nalutho kuphela uvolo, yilokho kuphela elingakuthela, kodwa lifanele lilahlekelwe yilokho.

193 Bengitshela abanye besifazane, lapha kungekudala, ngiyabadabukela, begqoka ngendlela abenza ngayo, nalezi ezincane, kubukeka njengesoseji esihlutshiwe ngalezizingubo begqoke kanjalo, ukuthi bazodingeka baphendule kanjani ngosuku lokwahlulela ngokuphinga. Ungahle ubemsulwa njengomnduze kumyeni wakho noma esokeni lakho, kodwa khumbula, UJesu wathi, "Yilowo nalowo obuka owesifazane ukuba amkhanuke, usephingile vele naye." Futhi lapho lesosoni siphendula ngokuphinga, ubani owakwenza na? Nguwe. Bodadewethu bePentecostal, buyani, buyelani emfashinini endala.

194 Lelo nenekazi lathi, "Ngani, abazenzi ngisho ezinye izingubo ngaphandle kwalokho." Kodwa basayenza imishini yokuthunga futhi bayazidayisa izindwangu. Azikho izaba. Niyabo? Kunjalo. Kunjalo impela. Kunjalo. Ngi . . . Ngiyakukholwa lokho. Ngakho azikho izaba. Singahle nje sikusonge, futhi sibuyele eVangelini langempela, futhi sibuyele eZwini likaNkulunkulu futhi, futhi siqonde. Kunjalo. UMarta wayenelungelo.

Wathi, "Awu, kuyinhlanhla yami yaseMelika uma ngifuna ukwenza lokho.

Ngathi, "Yebo, kodwa uthe ubungumKristu."

Wathi, "Nginguye."

Ngathi, "Khona-ke uyiwundlu, futhi iwundlu lilahlekelwa amalungelo alo."

195 NjengomKristu waseMelika, isakhamuzi saseMelika, nginelungelo lokuphuza, ukubhema, ngenze noma yini engiyifunayo, ngithenge utshwala, kodwa ngiyalahlekelwa yilokho. Angisiye o . . . ngihlala kulesisizwe, kodwa ngingumhambi, iKhaya lami liphezulu. Wonke omunye umKristu ozalwa phezulu, uphila ngokuvela phezulu.

196 Umkami, ehlezi phandle lapho, wathi kimi . . . Saya esuphamakethe, kuyinto exakile ekhaya, sithole owesifazane oyedwa egqoke ingubo. Bonke abanye wayenjalo . . . Futhi bacula emakhwayeni nakho konke. Wathi, "Billy, yini leyo na?"

Ngathi, "S'thandwa, umoya waseMelika."

Wathi, "Asisibo abaseMelika na?"

197 Ngathi, "Qhabo, sihlala lapha, lena yindawo yethu yemvelo, kodwa sivela phezulu. Abantu bakithi baziphatha njengaphezulu Lapho, uMoya ovela phezulu Lapho wehlela phezu kwabo. Futhi uma ngiya kwelinye izwe, bathi, 'Lowo nguYankee, ungowaseMelika.' Uma uya eJalimane, unomoya waseJalimane; ISwitzerland, umoya waseSwitzerland. Noma ngabe ukuphi, unomoya walesosizwe."

198 Kukhona umoya phakathi kwabantu. O, umusa. Yiya entweni efanele. Kukhona i . . . Kungani kungenjalo . . . Uma ungaba nento mbumbulu, kungani ungatholi eyiyona yona na? Kungani singalahlekelwa into yangempela ngenxa yento mbumbulu, lapho zonke izibhakabhaka zigcwele izibusiso zangempela zePentecostal na? Amen. Kungani singathatha isibambiso sanoma yini na? Amen. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Ungangabazi nakancane, kodwa kholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile. Yebo, mnumzane.

199 Manje, uMarta wakhuphukela kuYe, wathi, "Nkosi, ukube Ubukhona, umnewethu nga engafanga." O, he. Lokho ukuphikelela, ukufohla kuzo zonke izithiyo. "Ukube Ubukhona, umnewethu nga engafanga."

Wathi, "Nginguku re- . . . Umnewenu uyakuvuka futhi."

Wathi, "Yebo, Nkosi, ubengumfana olungileyo, uzoza ovukweni jikelele."

200 Wathi, "NgingukuVuka nokuPhila. Okholwa yiMi, noma efile, nokho uyophila. Nalowo ophila akholwe yiMi akasoze afa naphakade. Uyakholwa yilokhu na?"

Wathi, "Yebo, Nkosi. Ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, eyayizokuza emhlabeni."

201 Kungakhathaleki ukuthi wayedumele kangakanani kwezinye izenzo, isikhathi sase sifikile lapho abamba khona ukukholwa. Niyazi ukuthi ngikholwa ukuthi wakutholaphi na? Ngenkathi efunda iBhayibheli, futhi wabona lapho lowo wesifazane waseShunemi . . .

202 Ngalolosuku, omele uNkulunkulu . . . UNkulunkulu akakaze angabi naye ommele emhlabeni, njalo, wonke unyaka. Futhi owaKhe ommele ngaleyonkathi kwakungumprofethi, u-Eliya. Futhi wayesemdala, lona wesifazane waseShunemi, wayengenabantwana. No-Eliya wamkhulekela, futhi wambusisa, futhi waprofetha, futhi wamtshela ukuthi uzoba nomntwana. Futhi waba naye. Cishe . . . Waba cishe neminyaka eyishumi noma eyishumi nambili ubudala, umntwana kufanele ukuthi waguliswa yilanga, wakhala, "Ikhanda lami, ikhanda lami," cishe maphakathi nemini. Uyise wayenenceku imngenisa, yambeka emathangeni kanina, futhi ingane yafa. Indawo

efaneleke kanjani ukuyisa umntwana, futhi umbeke embhedeni womprofethi, lapho umprofethi ekade elele khona.

203 Futhi khona-ke wathi, "Bophela umnyuzi, uhambe uqonde, futhi ungakhulumi namuntu, kodwa qhubeka."

204 Futhi lapho umprofethi efika. . . UNkulunkulu akabatsheli njalo abaprofethi baKhe yonke into, lokho nje Afuna ukuba bakwazi. Futhi wathi, "Nakhu kuza lowo mShunemi." Washo kuGehazi, wathi, "Unosizi enhliziyweni yakhe, kodwa uNkulunkulu ungifihlele." Wathi, "Ingabe konke kuhamba kahle kuwe na? Ingabe konke kuhamba kahle ngomyeni waKho na? Ingabe konke kuhamba kahle ngomntwana na?"

205 Buka lokho, ngiyakuthanda lokho, wathi, "Konke kuhamba kahle," ingane yakhe ifile. Kodwa wayephambi kwenceku kaNkulunkulu, wayazi ukuthi uma uNkulunkulu wayengatshela leyonceku ukuthi wayezoba nengane, Wayengasho ukuthi kungani Eyithathile ingane. Ngakho wama lapho wayesewa phansi phambi kwakhe, waqala ukwembula.

206 Manje, yilapho engicabanga khona ukuthi uPawulu wabeka khona amaduku, niyabo. Washo, watshela uGehazi, "Thatha udondolo lwami, ubophe izinkalo zakho, futhi uma noma ubani ekhuluma nawe, ungamphenduli, qhubeka nje, beka loludondolo enganeni." Niyabo, wayazi ukuthi noma yini ayeyithintile yayibusisiwe, uma nje engathola owesifazane ukuba akukholwe.

207 Kodwa ukukholwa kowesifazane kwakungekho odondolweni, kwakukumprofethi. Wambamba. Wathi, "Kuphila kweNkosi uNkulunkulu nomphefumulo wakho awufi neze, angeke ngikushiye." Futhi uGehazi, ngiqonde, u-Eliya wahamba naye. Futhi waya lapho, futhi wabeka umzimba wakhe phezu kwaleyongane efile, wahamba waya emuva naphambili ekamelweni, wabeka ubuso bakhe phezu kwengane, futhi ingane yathimula kasikhombisa futhi yaphila. Futhi ini? Ngoba lowo wesifazane waseShunemi, "Ungami, ungabi nazindaba zenhlaliswano, yana eZwini."

208 Futhi wayazi, uMarta wayazi uma—uma u-Eliya. . . uma uNkulunkulu wayeku-Eliya ukuveza, ukugxilisa lokho kukholwa, Wayekakhulu kangakanani kuKristu, iNdodana kaNkulunkulu na? Ngakho yingalesosizathu wayephikelele kakhulu ebusweni bukaJesu. Wayenjalo nowesifazane waseShunemi ebusweni buka—ka-Eliya.

209 Kukhona owesifazane ezansi nje ogwini lapha, ebengixoxa ngaye. Wenyukela ekhaya, futhi ngangi. . . ngena. Nowesifazane uphuma lapha, ndawondawo. Yena. . . Abanye babantu olapha bayamazi owesifazane, umphatheli, omunye wabo, ohlezi lapha manje, owasiza ukumqukula amkhiphe. Wayenethumba elingamaphawondi angamashumi amahlanu, liphumile *kanje*. Futhi ngangena ebandleni, angikwazanga

ukukhulekela abagulayo ngalobobusuku, ngangivele ngangena. Ngangizophuma.

210 Futhi—futhi ngakho-ke, lowo wesifazane wayephikelele kakhulu, wayevela kude kangako, wayenabadikoni nabaphatheli ukuba bamthwalwe ngapha nangapha aye ngasemnyango omncane lapho engaphuma khona. Futhi lapho ngiphumela lapho, wabamba isandla sakhe ngale futhi wangibamba ngomlenze, futhi wathi, "Mfowethu Branham, ngikholwa ukuthi uma uzocela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzongiphulukisa."

Futhi ngavele ngama, ngase ngibeka isandla sami phezu kwakhe, ngase ngithi, "Dadewethu, sengathi uNkulunkulu waseZulwini angahlonipha ukukholwa kwakho."

211 Wayemkhulu *kanje*. Yena. . . Abakwazanga. . . Kwakumele bamthwale, futhi ngakho bamhlalisa phansi lapho emnyango omncane ongemuva ngemuva kwebandla. Futhi cishe izinyanga ezintathu emva kwalokho, wedlula lapho ememeza futhi edazuluka, eqondile nje njengoba nginjalo.

212 Futhi cishe iviki noma amabili edlule, ezansi lapha eCow Palace, eLos Angeles, eSouth Gate, Bengisho okuthize noma okunye ngakho, lapho ngobunye ubusuku, futhi wagxuma esuka lapho, wathi, "Nakhu la ngikhona namanje." Ngokuphelele nje okujway-. . . Ngani? Wayephikelele, wayehambile, wayechithe ayeziphilisa ngakho, wayefika phezu kwayo yonke inhlobo yento, ngenqola encane endala, ezama ukufika lapho, futhi babefanele bamphathele ukudla kwakhe, nokuthi umyeni wakhe wayefanele enzeni. Kodwa wayephikelele, wayezohlala naKho. Impela. Ukukholwa kwakhe kwakubambe iZwi, futhi wayezohlala naLo.

213 UMikaya, ngenkathi kwakukhona abaprofethi abangamakhulu amane abagqoke kahle bemi lapho bethi ku-Ahabi nakubo, "Khuphuka; iNkosi inawe." UMikaya wathi, "Qhubeka wenyuke, uma ufuna, kodwa iNkosi yangitshela lokho. . . futhi ngibone u-Israyeli ehlakazekile njengemvu entabeni." Ngani na? Lapho abaprofethi abangamakhulu amane beprofetha ngokuphambene nalokho ayeyikho, wayengaqiniseka kanjani na? Ngoba umbono wakhe waqhathaniseka neZwi likaNkulunkulu, yingalesosizathu, wayekwazi. O, ngifisa kanjani ukuthi bengingaba cishe nehora manje ukushumayela khona lapho.

214 Uma umbono wakho ungaqhathaniseki neZwi, khohlwa ngumbono wakho. Uma wazi ukuthi umbono wakho ukleliswe eZwini. . . Umprofethi omkhulu wayetshele u-Ahabi, wamqalekisa, futhi wamtshela ukuthi izinja zazixhapha igazi lakhe ngenxa kaNaboti olungileyo, izinto ayezenzile.

215 Futhi uNkulunkulu ubengakwenza kanjani, akunandaba ukuthi lababaprofethi baprofetha kangakanani, futhi bathi. . .

Ngani, babenesizathu manje, bathi, "Bukani lapha, iRamoti-Gileyadi, uJoshuwa wasinika lona, lelo ngelethu. Lowommbila owawutshalwe laphaya, ubufanele ukondla ama-Israyeli, hhayi isitha sethu. Impela, kunjalo." Niyabo, ngokobuhlakani babecabanga ukuthi kwakulungile.

216 Yilapho ufika khona ngokobuhlakani, uzama ukubeka okuthile, futhi ngezinye izikhathi ukukholwa kuphambene kakhulu nalokho. Udokotela uthi, "Buka lapha, awukwazi ukuphila, Ndoda, lo mdlavuza usongeleke kuwe." Kodwa ake udedele ukukholwa kugxile lapho kanye, futhi ubhekisise ukuthi kwenzekani.

217 UMikaya wama lapho phakathi kwabo. Ngiyabezwa behlangana. Niyazi, bazomkhipha enhlanganweni yabefundisi. Ngakho ba—bathi, "Mikaya, uma uzoprofetha into efanayo eyenziwa yiso sonke isigungu, uyazi, bangahle bakubuyisele emuva."

Wathi, "Mina? Ngizosho kuphela lokho uNkulunkulu akufaka emlonyeni wami, ukukusho."

218 O, mfowethu, esikudingayo abanye oMikhaya, amadodana ka-Imla, niyazi. Futhi lokho...Nangu emi lapho nalelo elikhulu, elinamandla...Wathi, "Qhubeka ukhuphuke," futhi waprofetha okuphambene, ngoba wayenjalo...namadoda angamakhulu amane emile, enye yawo yammukula emlonyeni, ngisho.

Wathi, "Mbuyiseleni emuva lomfo, nimfake emagcekeni angaphakathi, etilongweni, nimfake esitokisini. Futhi lapho sengibuya, ngizobhekana naye."

Wathi, "Uma ubuya nokubuya, uNkulunkulu akazange akhulume nami." Ngani? Wayephikelele, wayazi lapho ayemi khona.

219 Indoda eyimpumputhe yayizelwe iyimpumputhe, amehlo ayo ayephulukisiwe, yayingeke ikwazi ukuphikisana nabo ngesayense yezenkolo. Bathi, "Siyazi ukuthi le ndoda ingudeveli, ayivumelani nenhlangano yethu."

220 Wathi, "Kuyinto exakile kimi. Ningabaholi bezwe, futhi nansi indoda ivule amehlo ami, kwakungakaze kwenziwe emhlabeni wonke esake sakwazi, bese kuthi-ke nina, abaholi bezenkolo, futhi ani...anazi ukuthi Uvelaphi, lokho kuyinto eyinqaba."

221 Wayenesayense yezenkolo enhle kakhulu ukuphikisa ngayo, anicabangi kanjalo na? Impela wakwenza. Iyodwa into ayeyazi, wathi, "Ukuthi Uyisoni noma qha, angazi. Kodwa lapho ngangiyimpumputhe, manje sengiyabona." Amen. Yileyonto eyodwa ayazi ngokuqinisekile. Wayephikelele ngakho.

222 Kanjalo noNathanayeli waphikelela ekuMboneni ukuthi unguKristu, ngenkathi ebona leyonto eyimfihlakalo yenzeka, ngenkathi Ethi, "Ngakubona ungaphansi komkhiwane."

Wathi, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli."

223 Lowo wesifazane omncane wayephikelele, emthonjeni, ngenkathi Emtshela ukuthi wayenamadoda amahlanu. Ngenkathi Ekwenza lokho phambi kweqembu lezemfundo lamaJuda, lathi, "UnguBelzebule."

Kodwa lona wesifazane omncane wathi, "Ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi. Siyazi lapho uMesiya efika, Uyositshela lezizinto."

Wathi, "NginguYe."

Manje, mmise! Wangena emzini wathi, "Wozani nibone uMuntu Ongitshele engikwenzile. Akuyena yini uMesiya lona."

224 Ubungammisa kanjani uSimoni Petru ekushumayeleni iVangeli, noma ngisho wayengakwazi ukubhala igama lakhe uqobo, ngenkathi uJesu ethi, "Igama lakho unguSimoni futhi uyindodana kaJona"? Wazi ukuthi lowo kwakunguMesiya. Ayikho indlela yokummisa.

225 Lapha, kungekudala, ezansi eMexico (Futhi ngiyavala.), sasinomhlangano lapho, futhi ngaba nento enkulu. Yizwe elikhulu lamaKatolika. Futhi nonke, cishe impela, nina befundisi niyamazi uGeneral Valdena, ngu—nguye owangingenisa, uhulumeni. Umbhishobhi webandla lamaKatolika wenyuka, watshela umongameli, wathi, "Awu, ungenisa o—ongelona iKatolika lapha."

Wathi, "Awu," wathi, "UGeneral Valdena uthi, umuntu enedumela elihle."

Wathi, "O." Wathi, "Awu, ayikho into enjengaleyo phakathi lapha." Wathi, "Wena . . . Ngeke sikwenze lokho."

Wathi—wathi, "Bangitshela ukuthi izinkulungwane zabantu ziphumela emihlanganweni yakhe," kwasho umongameli.

Wathi, "Awu, akukho okuphuma lapho ngaphandle kwabangazi-lutho nabangafundile."

Wathi, "Usube nabo iminyaka engamakhulu amahlanu. Kungani bengazilutho futhi bengafundile na?" Ngicabanga ukuthi lokho bekungcothula izimpaphe. Niyabo?

226 Ngenkathi sehla lapho, sasinobusuku obuthathu nje ukuba sihlale. Ubusuku besibili lapho, angisoze ngabukhohlwa. Omdala waseMexico weza enqamula emsamo, umfo omdala ompofu. Nonke niyamazi uMfowethu Espinoza na? Cishe nonke niyamazi, ngicabanga ukuthi usonta, e-Assemblies of God, wayengumhumushi wami, emi eduze kwami. I-Business Men's *Voice* yadingeka iqukathe loludatshana. Awukwazi ukubhala

lutho ngokushicilela ngaphandle kokuthi kufakazelwe, uyabo, ngakho khona-ke lapha . . . ngaphandle kokuthi ukhiphe intamo yakho ngento esenkathazweni.

227 Ngakho lo omdala ompofu waseMexico uyeza enqamula, wayeyimpumputhe. Wayengaboni lapho ayeyakhona, uyazi. Futhi wasondela kimi, wayengafake lutho ezinyaweni, izinyawo zakhe ezindala zimahhadlahhadla, nemilenze yebhulukwe iklebhukile, phezulu *kanjalo*, egqoke ijazi elidala elimanikiniki, kungekho-yembe, ephethe isigqoko esidala ezandleni zakhe esithungwe ngezintambo, egcwele uthuli yonke indawo.

228 Ngase ngibuka, nawakhe amhlophe, amehlo anongwengwezi, futhi wayehamba enqamula lapho, wayesefaka isandla phansi ephaketheni lakhe, futhi wathola ubuhlalu obuncane, waqala ngo "Yethi, Mariya," uyazi. Futhi ngakho ngamtshela, "Bubeke phezulu."

229 Futhi uMfowethu Espinoza wammisa, wabufaka ephaketheni lakhe, futhi yena, ehhumuzela into ethize ngeSpanishi, Angiqondana, angisazi iSpanishi.

230 Ngakho waqala ukuhhumuzela okuthile, futhi ngacabanga, "Umfo omdala ompofu." Futhi lapha ngangigqoke izicathulo ezinhle, isudi enhle. Lelokhehla mhlawumbe laphila futhi lalingenalutho ngaphandle kwesigejane sikalethisi one-ameba yokwenza amaqebelengwana ommbila ngawo. Futhi—futhi empeleni, uthola cishe . . .

231 Ezomnotho zabo azilingani kabi kakhulu, kubi kakhulu. Futhi mhlawumbe uPancho uthola cishe . . . ungumeselandi wezitini, uthola cishe imali amapeso ayishumi nanhlanu ngosuku, kodwa ufanele asebenze cishe izinsuku eziyishumi, azithengele izicathulo. Kuthiwani ngoPedro omncane, onabantwana abayishumi, futhi enza imali amapeso amathathu ngosuku? Uzokwenzani, ukubondla na? UMartina angaba neyodwa kulobubusuku, noPancho angaba neyodwa, kodwa omunye kufanele enze ngaphandle kweyodwa, ngoba bafanele bonge ngokwanele ukuthenga ikhandlela likagrisi ukulikhanyisa e-altare legolide lesigidi samadola.

232 Akulungile! Futhi ngabatshela ukuthi kwakungalungile. Ngathi, "Akulungile. Awufanele ukhokhe lutho, uKristu wafa ukuze akukhulule." I-altare legolide lamadola ayisigidi elinekhandlela kulo, nabantu ababulawa yindlala, nompristi othize ukulibusisa. Ikhandlela lihlangene ngani nakho na? UKristu wafa, iGazi laKhe liyasisindisa esonweni naseziphambukweni, kuyisipho samahhala sikaNkulunkulu. Awenzi lutho kukho, ukukufanela. Kungumusa kaNkulunkulu.

233 Futhi uyeza enqamula lapho, futhi ngamgona ezingalweni zami, futhi ngacabanga, "Ngizobona ukuthi izicathulo zami zizomlingana yini." Ngangiyozimonyula ngizikhumule, kwakukhona isibambelelo esikhulu lapho, ngimnike ijazi lami,

kodwa amahlombe akhe ayemakhulu kakhulu, nezinyawo zakhe zinkulu kakhudlwana.

234 Futhi ngacabanga, "Umfo omdala ompofu, mhlawumpe akakaze adle ukudla okuhloniphekile empilweni yakhe." Futhi ngacabanga, "Futhi lapho, imvelo. . .Buka ukuthi kwenzekeni kuye, uyimpumputhe, umfo omdala ompofu. Ukuba ubabayi wami ubephilile, ubeyoba cishe kulowonyaka."

235 Ufanele ubazwele abantu, uma ungakwazi, awusoze wasiza muntu. Lokho ngukuthi. . .Wena. . .Lokho. . .Ufanele ubazwele; ufanele uzethwese khona wena uqobo. Futhi ngavele ngamgaxa, futhi ngathi, "Baba oseZulwini, yiba nomusa kulendoda endala empofu." Ngathi. . .Ngabuka phandle lapho, futhi ngiyibonile imile, ingibuka, phandle phambi kwami phandle lapho, inokubona kwayo. Ngangazi ukuthi uma eke wavula amehlo akhe, kwase kuphelile.

236 Ngavele ngalinda imizuzu embalwa, futhi wampongoloza, "Gloria Dios!" Ngukuthi "Udumo kuNkulunkulu," niyazi. Lapho wayengabona kahle njengoba ngingenza, ehambahamba emsamo.

237 Ngobusuku obulandelayo, kwakukhona i. . .Emsamo kwakukhona cishe okude njengalokhu, nje okunqwabelane *kangaka* ukuphakama kwamatshali amadala nezinto. Futhi ukhuluma ngokufika futhi uhlale uhhafu wehora, noma ihora noma amabili ebandleni na? Bafika ngelesishiyagalombili nqo ngalokho kusa, bangahlala phansi, bama, bencikene omunye nomunye, bencike njengezimvu kulelolanga elishisayo. Futhi ngangingeke ngibe lapho kuze kube yihora lesishiyagalolunye noma ligamenxe elesishiyagalolunye ngalobobusuku. Bahlala usuku lonke, lutho, bame nje lapho belindele ukuza.

238 Ngalobobusuku, liyidliva imvula, babebaningi kakhulu, o, he, leyondilinga enkulu, indilinga phandle lapho, futhi angikwazanga ukungena. Futhi bangizungezisa bangiletha ngakolunye uhlangothi, futhi bangisonga ngentambo, base bengehlisela phansi emsamo phezu kwaleyondilinga, liyidliva imvula. Noma ubani kini uyamazi uMfowethu Jack Moore na? Ngiyacabanga abaningi benu bayamazi. Futhi wayenami, noMfowethu Espinoza, futhi ezansi lapho eDolobheni laseMexico.

239 Futhi ngaphuma, ngaqala ukushumayela, futhi ngangishumayela *Ukukholwa, Kuyizinto Ezithenjwayo, Ubufakazi Bezinto Ezingabonwayo* noMfowethu Espinoza ehumusha. Futhi lapho ngisashumayela, uBilly uyeza, indodana yami, futhi wangibamba ngejazi. Wathi, "Babayi, kuzomele nje wenze okuthile."

Ngathi, "Yin'indaba na?"

Wathi, "Owesifazane omncane emi laphaya." Wathi, "Nginabangenisi abayikhulu namashumi amahlanu noma ngaphezulu, abami phandle lapho." Futhi wathi, "UMañana . . . "

240 Ngambiza ngokuthi u*Mañana*, okusho ukuthi "kusasa." Leyo yindoda enensa kunawo onke engake ngayibona empilweni yami. Yayidingeka ingilande ngehora lesikhombisa nqo, futhi yayingilanda cishe ngehora lesishiyagalolunye. Ngakho khona-ke, futhi ngangihlale ngimbiza ngo "Mañana." Futhi wayekhipha amakhadi omkhuleko, futhi wayesewakhiphile onke amakhadi omkhuleko.

241 Futhi owesifazane omncane waseMexico owayelethe ingane yakhe, iKatolika manje, ukuba ikhulekelwe ngayizolo ebusuku, futhi ngakhuluma ngeBhayibheli, ukuthi uJesu wayenjani, wayebuke lokho kwahlukanisa kuphumela lapho futhi kukhethe labobantu kulezozethameli futhi ababone bevuka kulezozinhlaka zemibhede, kalula, bekukholwa nje, futhi ebabonile besukuma kanjalo.

242 Wayenencane, ingane egulayo lapho, inenyumoniya, ezama ukuyithulisa. Akazange alithole ikhadi lomkhuleko noma lutho, futhi yafa ngokusa okulandelayo, cishe ngelesishiyagalolunye nqo ehhovisi likadokotela. Futhi nangu ethatha leyongane, esikhundleni sokuyiyisa e—emakhazeni, wayiletha lapho, futhi wema kuleyomvula, usuku lonke, naleyongane efile. Futhi uMañana akazange amnike ikhadi. Wayengenalo ikhadi, futhi wayengeke abe semgqeni womkhuleko, kodwa wayezimisele ukufika lapho noma ikanjani.

243 Futhi ba cou- . . . wayenekhulu namashumi amahlanu, noma abangenisi abangamakhulu amabili ababengakwazi ukumisa lowo wesifazane omncane. Wayegijima phakathi kwemilenze yabo, agxume phezu kwamahlombe abo, aphakame phezu kwamahlombe abo, futhi aqale ukugxuma, oyedwa ano . . . nengane efile ezingalweni zakhe, owesifazane omncanyanyana.

244 Futhi uBilly uza kimi, wathi, "Babayi, kuzomele uye lapho futhi wenze okuthile ngakho," wathi, "ngoba asinakwenza lutho ngaye. Uphazamisa yonke leyo ngxenye yendawo, laphaya."

245 Ngase ngithi, Mfowethu Jack Moore, ngathi, "Mfowethu Jack, yehla, umkhulekele, akangazi, futhi ngeke azi ngaphandle kokuthi yimina. Akakwazi ukukhuluma isiNgisi, futhi vele uhambe umtshele, hamba ukhulekele ingane."

Wathi, "Kulungile, Mfowethu Branham."

246 Waqala ukusuka, futhi ngathi, "Mfowethu Espinoza," UMfowethu Espinoza kungenzeka ukuthi ulapha. Ingabe ulapha, Mfowethu Espinoza na? I . . . Wena . . . Bangaki abamaziyo uMfowethu Espinoza na? OwaseMexico u int- . . . O, impela, bengazi ukuthi beniyamazi. Ngakho—ngakho wayemi lapho, futhi ngathi, "Mfowethu Espinoza, qhubeka,

usho njengoba bengisho.” Ngathi, “Njengoba bengisho manje, njengeNkosi uJesu, ngokukholwa Usebenza okwaKhe i gi- . . . ”

247 Ngabheka, kumi lapha phambi kwami, futhi kwakukhona ingane encane yaseMexico engenamazinyo, ihleka nje, ingibuka. Ngacabanga, “Kufanele ukuthi yileyongane.” Ngathi, “Ungakusho, Mfowethu Espinoza, linda kancane.” UMfowethu Jack wayesesuka emsamo cishe ngalesosikhathi, ngathi, “Umzuzu nje, Mfowethu Jack.” Ngaya ngale, ngathi, “Billy, vula ulayini futhi umkhuphule.”

248 Babemcindezele phansi ngoba kwakungalungile, abanye abantu babenamakhadi omkhuleko, futhi babefike lapho futhi bathathe amakhadi. Ngakho-ke babefanele baphathe wonke umuntu ngendlela efanele, noma uvumela oyedwa eze engenalo ikhadi, khona-ke u—khona-ke unesiphithiphithi, impela impela, entweni enjalo. Ngakho, futhi waye—wayedingeke alinde.

Ngakho ngathi, “Vula umlethe.”

Wathi, “Babayi, akanalo ikhadi lomkhuleko.”

Ngathi, “Mlethe.”

Wathi, “Yini indaba na?”

Ngathi, “Ngisanda kubona okuthile.”

Ngakho bamkhuphula. Futhi nangu ekhuphukela lapho, futhi waguqa kwiphansi, wayesethi, “Padre.”

249 Ngathi, “Qhabo, qhabo, qhabo, qhabo. Sukuma.” Owesifazane omncane omuhle, owayebukeka engaba seminyakeni engamashumi amabili, nento encane yaseMexico, nezinwele zakhe ezincane zilengela phansi, phezu kwamahlombe akhe *kanjalo*, namehlo akhe amakhulu kakhulu, nezinyembezi zehla ezihlathini zakhe, wathi, “Padre,” laphaya esho okuthize. Futhi ngathi . . .

UMfowethu Espinoza wathi, “Ngiletha kuwe, Baba, ingane yami, ifile.”

Futhi—futhi ngathi, “Ife nini na?”

Wathi, “Ngehora lesishiyagalolunye nqo namuhla ekuseni, ehhovisi likadokotela.”

“Yini ebingalungile na?”

“Inyumoniya.”

250 Ngakho Mfowethu Espinoza . . . Ngabeka isandla sami phezu kwaleyongubo yokulala emanzi, emanzi te, futhi laliyidliva imvula. Futhi ngafaka isandla sami kuleyongubo yokulala encane emanzi ngathi, “Baba waseZulwini, angikwazi ukuphikelela kwalona wesifazane omncane, kodwa emizuzwaneni embalwa edlule ngenkathi ngibuka phandle ezethamelini, ngibone ingane encane ingibuka isineka . . . ” Wayenengubo yokulala phezu kwayo, eyibambe *kanje*. Ngathi, “Uma leyo bekuyingane, futhi ngenxa yalona wesifazane

omncane ephikelela kakhulu ukuthi—ukuthi Uzoyiphulukisa ingane. . . ”

Ngalesosikhathi kwathi “Waa,” futhi kuqala ukukhahlela imilenze yakho emincane *kanjalo*. Kwase kuphila.

251 Ngathi, “Mfowethu Espinoza, ungakubeki lokho. . . ungakwenzi. . . thathe. . . Landelisa isigijimi emva kwalowo wesifazane, bese ehlela ehhovisi likadokotela futhi makasayine isitatimende.”

252 Futhi wamthola udokotela, nodokotela wasisayina isitatimende, “Ngimemezele ukuthi ingane, ukuphefumula konke kungasekho, kulokhu ukusa, ngehora lesishiyagalolunye nqo.”

253 Ingane yayibanda futhi iqinile, futhi yayifile kusukela ngelesishiyagalolunye nqo ngalokhokusa, futhi yaphila, ngoba owesifazane omncane wayephikelele. Wayebone okuthile kwenzeka, futhi wayengeke athathe u “Qha” ngakho. Lokho kukhombisa ukuthi uNkulunkulu ofanayo owayephefumulela lona wesifazane omncane ongumGreki wayengaphefumulela owesifazane waseSpain. Futhi Angaphefumulela into efanayo, kulobubusuku, uma nizokukholwa. Niyakukholwa na? O, yiba nesineke.

254 Nkosi Jesu, ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu. Wahlupheka ngaphansi kukaPontiyu Pilatu, Wabethelwa, wafa, wembelwa, wavuka futhi ngosuku lwesithathu, futhi uyaphila kuze kube phakade. Wathembisa, “Kuseyisikhashana, futhi izwe,” isimo sezwe, uhlelo lwezwe, “ngeke lisaNgibona; nokho niyakuNgibona. Ngoba Ngi,” isabizwana somuntu, “yakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

255 “NgiyaKukholwa, Nkosi, ngiyaphikelela kulobubusuku. Ukukholwa kubambe ukubamba ngandlela thize. Ngiyakholwa ukuthi Uzongiphulukisa. Ngiyakholwa ukuthi Uzongisindisa. Ngiyakholwa ukuthi Uzonginika isifiso senhliziyo yami, futhi ngibambelele kuWe.”

256 Asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje manje. Ngendlela engeyakho uqobo, khuleka buthule umzuzwana nje manje, ukhuleka, “Nkosi Jesu, yiba nomusa kimi.”

257 Manje, Nkosi, lelikhwaya, i, e, lelibandla, leliqembu labantu, lilindile ngokubekezela. Sengikhulume ngokubanzi. Bayakhuleka, Nkosi. Ngibatshelile ukuthi aWufile, Uvukile kwabafileyo. Ngibanika sonke isithembiso, ngibatshelile, izolo ebusuku, isethembiso Owasenzayo, ukuthi kukanjani ukuphela kwesikhathi sika-Abrahama, ukuphela kwamaJuda amaSamariya, futhi manje i. . . ekupheleni konyaka wabeZizwe, nakhu Uyeza ukuzokwenza into efanayo.

258 Unyaka wePentecostal waqala cishe eminyakeni engamashumi amane, amashumi amahlanu edlule, khona lapha oGwini lwaseNtshonalanga; ukuthi bakhuluma kanjani ngezilimi futhi bahumusha, amandla kaNkulunkulu phakathi kwabo; ukuthi babona kanjani abagulayo bephulukiswa, konke kwenzeka, kodwa manje isibonakaliso sokugcina sesigadlile phakathi kwabo. Uyeza, Nkosi, akusekude. Yingakho ngimi lapha kulobubusuku, Nkosi, ngiyaKukholwa. O Nkulunkulu, yenza laba bantu baphikelele. Kwangathi i—i—iMbewu ehlwanyelwe ingagxila phansi ezinhliziyweni zabantu, sengathi bangaYibona, sengathi bangaYikholwa, sengathi bangaba nokukholwa futhi baKukholwe ngenhliziyo yabo yonke.

259 Manje, Baba Nkulunkulu, inkambiso endala ngukubeka izandla phezu kwabagulayo, siyazi ukuthi yileyondlela abakwenza ngayo. Inkambiso endala yayinguthi, "Wozani e-altare, niguqe nikhuleke." Kodwa eBhayibhelini, Lathi, "Abaningi abakholwayo benezelwa ebandleni, wabhaphathizwa." Sikholelwa kuzo zonke lezizinto, sisacabanga ukuthi kufeza inhloso enhle, futhi kuhle, siyakukholwa.

260 Kodwa kakhulu kangakanani, ngenkathi uJayiru ethi, "Woza, ubeke isandla saKho phezu kwendodakazi yami, futhi izophila," kodwa umRoma, oweZizwe, wathi, "Angifanele ukuthi Ungene ngaphansi kophahla lwami; khuluma nje iZwi, futhi inceku yami izophila"?

261 Wena wathi, "Angikaze ngikubone ukukholwa okunjalo kwa-Israyeli." Nkulunkulu, kwangathi singelokothe sikuphoxe. Sengathi singakwazi . . . Sengathi . . . Mina ngi . . . Sengathi . . . Engizama ukukwenza, Nkulunkulu, ukuvumela abantu babone ukuthi Wena unguMsindisi wabo, Nguwe Ophulukisayo, NguWe Onikeza ukukholwa. Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi ngeke bangabaze, bese kuthi-ke, lapho, uma bengeke bangabaze, khona-ke ukukholwa kuzofika ngokuzenzakalelayo ezinhliziyweni zabo ngqo futhi bazoqonda. MasiKubone, Nkosi.

262 Ngelinye ilanga ngemva kovuko, uKleyophase nomngane wakhe wayesendleleni ehlela e-Emawuse, futhi bakhuluma naYe usuku lonke, futhi babengamazi. Kodwa sekuleyithi ngalokho kuhlwa, Wangena nabo egumbini, futhi bavala iminyango. Futhi khona-ke Wenza into ethize ngendlela nje Enza ngayo ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, futhi babazi ukuthi akekho omunye owakwenza ngaleyondlela, futhi babazi ukuthi kwakunguYe. Ngakho bashesha babuyela emuva futhi batshela abantu, ngemva kokuba Esenyamalele emehlweni abo, ukuthi ngempela iNkosi ivukile.

263 Baba Nkulunkulu, sibeke eceleni umsebenzi wethu wosuku, silapha kulobubusuku, igumbi livaliwe. Woza, Nkosi, wenze okuthize phakathi kwethu kulobubusuku njengoba Wenza

ngaphambi kokubethelwa kwaKho, ukuthi singahle sename, njengabo babenjalo, sibuyele ngendlela, sithi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma nathi endleleni na?" Siphe khona, Nkosi.

264 IZwi elilodwa elivela kuWe lizoqinisekisa konke engikushilo. Futhi uma ngisho iqiniso, futhi ngiyazi, Nkosi, uzoqinisekisa kuphela iqiniso, Angeke wenze lutho ngamanga namaphutha, Uqinisekisa iqiniso kuphela, manje Baba, ngikhulekela ukuthi Uzoqinisekisa lokho osekushiwo, ukuthi kuyiqiniso.

265 Ngizinikela kuwe ngeZwi laKho, nebandla laKho labantu, nokukholwa kwabo abakuqongelelile. EGameni likaJesu Kristu, siyakhuleka ukuthi Uzongena enkundleni manje, futhi ufakazise ukuba nathi emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Bona. . .Akukho ukufa kuYe, Uyaphila, kuze kube phakade. Siphe khona, Baba, eGameni likaJesu. Amen.

266 Ngingathanda ukubuza ibandla, manje, ngilungiselela ukuvala nje, umzuzwana nje, futhi ngizonicela, uma nithanda, hloniphani nje njengoba ningakwazi cishe imizuzu emithathu. Sesileyithi kakhudlwana ukubiza umugqa womkhuleko, kodwa ngithanda ukubuza lombuzo ngaphambi kokuba sivale: Ngabe ukhona umuntu lapha onelisekile ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, futhi awusiye umKristu na? Ngingabuza wena kuphela.

267 Ngiyazi ukuthi kulungile ukunikeza ama-altare amade amakhulu nokunye nokunye, kodwa asifanele sikwenze lokho, nezindaba ezinozwelo. Kodwa uma ningezi phezu kwesisekelo seZwi likaNkulunkulu, akwenzi mehluko. Niyabo, awukho lapho noma ikanjani. Ufanele uze wazi ukuthi uyisoni futhi uJesu wafa esikhundleni sakho, futhi ufanele uze futhi uvume izono zakho. Ingabe ulapha. . .? Futhi ngeke ngikubizele phezulu lapha. Ngizokubuza nje: Ingabe ulapha, futhi unelisekile ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu, futhi uyisoni esiMdingayo, ungaphakamisa nje izandla zakho uthi, "Mfowethu Branham, ngiyakholelwa emkhulekweni wakho. Ngikhulekele, ngiyisoni, futhi ngifuna ungikhulekele"? Yilokho kuphela engizokucela ukuba nikwenze.

268 Asinikezi izinkanyezi zegolide, na*lokhu*, nokwenza *okuningi kangaka*, *lokhu*; angikholelwa kulokho. Uma uMoya oNgcwele ungenakukwenza wazi ukuthi uyisoni, asikho isidingo ngisho sokuthi ngikuzame, niyabo. Ngakho-ke, uma ukholwa ukuthi uyisoni, futhi udinga uKristu, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham." Phakamisa isandla sakho, ngizokwenza.

269 Nonke nina maKristu? Mangaki amaKristu alapha, khonake na? Phakamisani izandla zenu, bonke ogcwaliswe ngoMoya, namaKristu. Akadunyiswe uNkulunkulu. Lokho kuhle, kuhle. Kulungile.

270 Ingabe bakhona abantu abagulayo lapha khona-ke na? Phakamisa isandla sakho, ogulayo. Ngilapha njengenceku kaNkulunkulu ukuba nginikhonze. Phakamisa isandla sakho. Uma uthi, "Ngi—ngiyamdinga uNkulunkulu, futhi ngine—nginento ethile engalungile ngami," khuleka.

271 Wena ongenawo amakhadi omkhuleko manje, Ngifuna nje abangenawo amakhadi omkhuleko, ngoba hamba namakhadi omkhuleko mhlawumbe kusasa ebusuku, kumbe noma yini, uma senza, sizokhulekela wonke umuntu onamakhadi omkhuleko.

272 Nina eningenamakhadi omkhuleko, ngifuna ukusho okuthize kini. Izolo ebusuku, nginitshelile, futhi kulobubusuku ngiyanitshela futhi, siyazi ukuthi Wenzani ngenkathi Elapha emhlabeni, uma Wayebuyele lapha futhi, emhlabeni kulobubusuku, esemzimbeni wenyama, Ubezokwenza into efanayo Ayenza ngaleyonkathi ngoba Unguye. Ngabe kunjalo na? Manje, bekungaba yini okunye ngaphandle kokubona uMoya oyiNgcwele uhamba kulezizethameli kanjena, futhi enze yona impela imisebenzi, futhi afakazise kini ukuthi uJesu Kristu, uMsindisi wenu, ukhona lapha phakathi kwenu na? Bekufanele kuyixhuxhumise kanjani imiphefumulo yenu! Benifanele nisho kanjani ukuthi, "O, umusa!" akukho lutho.

273 Ngakubona kwenziwa lokho ngesinye isikhathi, eNingizimu Afrika, ngesinye isikhathi emsamo, futhi abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu abomdabu boblankethe bahlephula izithixo zabo emhlabathini futhi beza kuJesu Kristu, izinkulungwane eziyishumi zabakaMohamede. Uyazi kungukuthi. . .Basebenza iminyaka ukuguqula omunye wabo, lawo ngamaMede-o-Pheresiya amadala angaguquki. Niyabo, niyabo? Kunjalo. EBombay, e-Indiya, a—angazi, angazi, angazi nje ukuthi ezingaki, wawungeke uzibale, ulwandlekazi nje lwezandla ezimnyama ziphakeme, ngesikhathi esisodwa.

274 Manje, thina bantu bePentecostal, esizisho ukuthi sanga unqenqema lwezibusiso zegolide zendebe kaNkulunkulu, singama kanjani sithule futhi sibone uMoya oNgcwele usizungeza, uKristu qobo lwaKhe neZwi laKhe, efakazisa ukuthi Ulapha na? Bese-ke sivele sihlale sithule, futhi sithi, "Awu, ngifisa ukuthi into ethize, yenzeke." Wayengasenakukwenza okunye.

275 Futhi khumbulani, ngiyanitshela, eGameni leNkosi, uma ningikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, eGameni leNkosi, aniyukubona isibonakaliso esikhulu kunalesi enisibonayo manje, anisoze nasibona. Manje, kubhaleni phansi, iBhayibheli lenu, uma nikwenza, khona-ke ningishayele ucingo. Lokhu ngukuthi. . .Ubona into yakho yokugcina. Khumbulani nje, iBandla liyahamba. Lizongena eLawodikeya, lapho nje elikhona manje.

276 Manje, khulekani, kholwani. Manje, hloniphani ngempela nje. Akunandaba ukuthi ukuphi, khuleka nje, uthule ngempela. Niyabo, ngamunye wenu ungumoya, futhi uma lowoMoya oNgcwele ufika ekugcotshweni, wonke umoya onyakazayo, niyabo, ungawuzwa, kushubile nje. Yingalesosizathu uJesu aholela indoda ngaphandle komuzi ukuba ayiphulukise, babebaningi kakhulu lapho, niyabo. Okuningi kakhulu… Wathatha, endlini kaJayiru, futhi wabakhipha bonke ngaphambi kokuba Avuse indodakazi yakhe, wayivusa, niyabo, kwakunokungakholwa okuningi kakhulu, babeMhleka nakho konke, niyabo. Ungeke ukwenze lapho ukungakholwa kukhona, ngeke nje kusebenze.

277 Kodwa ngicela uNkulunkulu, kulobubusuku, ukufakazisa ukuthi nginitshele iqiniso, Mvumeleni akhulume. Umuntu angakhuluma…Kodwa nginitshelile iqiniso. Wena phikelela uthi, "Kulobubusuku yisikhathi sami. Lowo mshumayeli omdadlana akangazi, akazi lutho ngami, kodwa Nkulunkulu, Wena ungumPristi oMkhulu ongathintwa ukuzwelana nobuthakathaka bethu, futhi ngiyaKuthinta ngokukholwa. Ngikholwa ukuthi nginakho, mangiKuthinte, Nkosi. Beseke Uyaphendula ngoMfowethu Branham futhi ungitshele, njengoba Wenza lapho ukhuluma ngoKristu, iNdodana kaNkulunkulu, futhi waMtshela, owesifazane onomopho, noBartimewu oyimpumputhe, nakho konke okunye Akwenza kanjalo. Ngombono ngitshele." Khuleka. Yiba semkhulekweni nje.

278 Ingabe inenekazi, elihlezi emuva khona *lapha*, kwesokunxele sami, ukwedlula *lapha*, ekugcineni komugqa. Lihlushwa yinkathazo ngezindlebe zalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa futhi akusindise, Nenekazi na? Wena, ongibukayo. Uyakholwa ukuthi Uzoziphulukisa izindlebe zakho futhi akusindise na? Uyakholwa na? Kulungile. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo ikhadi lomkhuleko. Awulidingi. Uyabo, wena…Lokho ngukuthi, niyabo, lokho ukukholwa okungaziwa onakho. Ubungekho…akazange alindele ngisho nakancane, kodwa kunjalo…ukukholwa kuyinto efihliwe. Manje, kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho, kodwa uma ungakholwa futhi angeke ukwemukele, izindlebe zakho zizoba zimbi kakhulu. Niyabo? Manje, khumbulani nje, uma uzokukholwa, uthinte Into ethize.

279 Kuthiwani-ke ezansi ukwedlula *lapha*, ezansi ukwedlula *le*ngxenye yezikhala zezihlalo na? Umuntu onokukholwa, ofuna ukukholwa, vele uthinte ingubo yaKhe nje. Hhayi mina, ngeke kwenze lutho, mina nje ngi—isoni nje.

280 Nansi indoda, yebo, khona lapho-ke ngenkathi ikhothamisa ikhanda layo, khona *lapha*, ikhuleka, "Makube yimi, Nkosi." Inkathazo yesisu, leyo yinkathazo yakho. Ngiyisihambi kuwe. Ngabe kunjalo na? Leyo yinkathazo yakho nokho, akunjalo na?

Unesimo emgudwini wokudla, ubumuncu esiswini nakho konke, kuyagulisa njalo. Usube nakho isikhathi eside. Ake ngikutshele okunye okuthile, awusiye owalapha, akulona ikhaya lakho leli. UngowasePortland. Ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje, ungabuyela emuva, uphilisiwe. Uyakwemukela, futhi uyakholwa ukuthi kuzophiliswa na? UNkulunkulu akubusise. Hamba ngendlela yakho, ukholwe.

281 Kukhona inenekazi elihlezi khona emuva lapha, lingibuka khona lapha. Kukhona lokho kuKha-. . . Awukuboni lokho kuKhanya phezu kwalowo wesifazane na? Buka *lapha*, bukisisa ngempela, khona *lapha*. Niyabo? Uphethwe isifo samathambo. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaphulukiswa esifweni samathambo, Nkk. Trapp, uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke. Uzokugeja. Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Ngikubonile lokhu . . . Besekulungisela ukukushiya, Nenekazi, yingakho ngidingeke ngibize igama lakho.

Ungamangali ngalokho, UJesu waseNazaretha watshela uSimoni Petru ukuthi wayengubani nokuthi uyise wayengubani, uyabo, UnguJesu ofanayo.

282 Manje, uma ngiyisihambi kuwe, Nenekazi, phakamisa isandla sakho, inenekazi elisanda kubizwa. Impela, angikaze ngilibone empilweni yami, lingowesifazane nje ohlezi lapho. Uyakukholwa.

Uyakholwa? Lokho ngukuthi, kufakazisa uBukhona bukaJesu Kristu. Amen.

283 Nakhu kuhlezi owesifazane, ehlezi khona *lapha*, engibuka, kukhona ithunzi elimnyama phezu kwakhe. Uzofa uma okuthize kungamsizi, unomdlavuza. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa futhi akusindise na? Uma ukholwa, ungaphulukiswa, kodwa ufanele ukukholwe. Yiba nokukholwa, ungakungabazi.

284 Ngiyawubona lowomdanso womdlavuza, lesosibonakaliso, esivela phezu kwalokho, sawelela phezu kwendoda. Ihlezi ingibuka. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, Mnumzane, uNkulunkulu uzowuphulukisa lowomdlavuza esandleni sakho futhi akusindise na? Ngiyisihambi kuwe, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Empeleni, ufanele ukukholwe, uyisithunywa senkolo, ufuna ukubuyela eFormosa futhi, ushumayele iVangeli. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Uyazi ukuthi ngiyisihambi kuwe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Mnu. Graves, kholwa ngenhliziyo yakho yonke, ungabuyela emuva, futhi uphulukiswe, usindisiwe. Amen.

285 UyaMkholwa na? "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Uyakholwa na? Bangaki abakukholwayo ngenhliziyo yabo yonke na? Phakamisa isandla sakho. Manje,

eBukhoneni baKhe, anibeki ngani izandla zenu phezu komunye nomunye, anginikhulekele lapha na? Niyabo? Futhi ku—kuzoba . . . Kuyangilondoloza kancane, ngisize ngihambe kad- . . . Nakho kungaphesheya kwesakhiwo. Hamba ukhulume nalababantu, uyazi ukuthi kade bekuphi, lapho ebengi . . . abayisithupha noma abayisikhombisa babo, kumbe noma ngabe bekuyini lapha. Babuze nje. Abanye benu ezethamelini, o, kuvulandi osesitezi emuva lapho, kholwani.

286 Ngiphonsela inselelo noma yimuphi wenu eGameni likaJesu Kristu: Kukholweni. Phikelela, bambelela kukho. Futhi nginiphonsela inselelo ukuba nibeke izandla zenu komunye nomunye njengamakholwa, futhi nikhulekelane, futhi nikholwe ukuthi nizosinda, futhi nizokwenza.

287 Ngiphonsela inselelo noma yimuphi umuntu, obeyisoni, futhi ongakholwanga, ukuba ume ngezinyawo zakho manje, futhi ucele umusa, futhi uzothola umusa, uma ukuqondile ngokusuka enhliziyweni yakho, uma ubambelele emuva esikhathini esedlule, okungukuthi, kukhona idazini lenu, elihlezi phakathi lapha, ebelifanele liphakame—ebelifanele liphakame njengezoni. Manje, ngitshele ukuthi angazi, ngiyazi. Futhi ngiyazi ukuthi nihlezi lapho ningakholwa. Ngingabiza amagama enu, niyakwazi lokho.

288 Bangaki oke waba semihlanganweni, futhi okubonile lokho kwenziwa ngaphambilini na? Impela nikubonile. Kodwa okukwenzayo, kulimaza ibandla abaphuma kulo. UJesu wathi, "Ukhula nokolo makukhule kanye kanye." Uzo . . . Nguyena ozolubopha. Niyabo? Kodwa nihlezi lapha, ubungazifihla kanjani na? Kungcono ume futhi wemukele uKristu. Ake nginitshele, anisoze nasondela ngokwedlulele, eBukhoneni baKhe, nize niMbone ubuso nobuso.

289 Ngokuba, ake ngisho kini lokhu, nali iBhayibheli lami lapha phambi kwami: UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ivukile kwabafileyo, Ilapha, kulobubusuku, ngesimo sikaMoya oNgcwele, Nguye Ovumela lomsebenzi ukuba wenziwe.

Khumbulani, Mkholweni.

290 Bekani izandla zenu komunye nomunye manje, asikhulekelane. Ngizokhulekela lamaduku kuqala. Futhi ngisakhuleka, khulekela umuntu obeke izandla zakho kuye, bazobe bekukhulekela.

291 Baba waseZulwini, ngiletha lamaduku kuWe, amele abantu abagulayo. Sifundiswa ukuthi, ngolunye usuku, u-Israyeli wayesemgqeni wakhe womsebenzi, eya ezweni lesethembiso, noLwandle oluBomvu lwangena endleleni ngqo. U-Israyeli, esemgqeni wakhe womsebenzi, elandela imiyalo kaNkulunkulu, noLwandle oluBomvu lwangena ngqo endleleni yalo, ukubanqamula lubasuse esithembisweni. Omunye umbhali wathi uNkulunkulu wabheka phansi, ngaleyo Nsika yoMlilo,

nolwandle lwesaba, futhi lwazigingqela emuva, futhi lenzela u-Israyeli indlela yezinyawo eyomile ukuba awelele ezweni lesethembiso.

292 Wena usenguye uNkulunkulu ofanayo, kulobubusuku. Ukugula nezifo kunqume abantu eku . . . ekuhambeni kahle emgqeni womsebenzi, futhi Wena wathi, "Ngaphezu kwakho konke, ngithanda ukuthi Uphumelele empilweni," futhi kwangathi uNkulunkulu, Owanika isithembiso, angabheki kuphela ngeNsika yoMlilo, kodwa ngeGazi leNdodana yaKhe uQobo, uJesu Kristu, futhi kwangathi lezozifo zingesaba futhi zihlehlele emuva zisuke kubantu. Ngokuba sikucela, eGameni likaJesu Kristu.

293 Manje, Sathane, wena obophe abantu futhi wabavimba yonke leminyaka, wabagcina beboshiwe ekuguleni, siza njengabamele uKristu, futhi siyakufungisa ngaYe, Owasinika igunya lokwenza kanjalo, suka kubantu. Phuma kubo, eGameni likaJesu Kristu.

294 Kwangathi amandla avusa uKristu ethuneni angephula konke ukungabaza ngaphezu kwezinhliziyo zabantu, ukuze bemukele ukuphulukiswa kwabo, khona manje, eGameni likaJesu Kristu.

295 Bonke abakukholwayo, yimani ngezinyawo zenu, eGameni likaJesu Kristu, futhi nemukele ukuphulukiswa kwenu, kungakhathaleki ukuthi yini engalungile ngani. Amen. *NgizoMdumisa*; *NgizoMdumisa*.

Ngi . . .

NgizoMdumisa! MasiMnike udumo, wonke umuntu.

. . . Mdumiseni, ngizoMdumisa,
O, dumisani iWundlu elihlatshelwe izoni;
O, Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

296 Manje, ukususa ukugodola, namaketango egqashulwa ngakithi, izipoki ziqhelile . . . Yilokho oku . . . Yini indaba, bantu? Aniqondi ukuthi siyangena, emva komlayezo, emoyeni wokukhonza na? Asivele siphakamise izandla zethu kuNkulunkulu, futhi siMkhonze, futhi sithi, "Ayidunyiswe iNkosi. Makadunyiswe uNkulunkulu. Makabongwe uBaba, Osinikeza iNdodana kaNkulunkulu, evusiwe kwabafileyo, iphila kuze kube phakade; U-Alfa, u-Omega; isiQalo nesiPhetho, iNtebe yaseSharoni; uMnduze wesiGodi; iNkanyezi yoKusa; Owayekhona, okhona, nozayo; iMpande neNzalo kaDavide.

297 SiKudumisa kanjani, Nkulunkulu Somandla, ngokuba khona kwaKho ezindaweni zonke, ngokusivakashela kwaKho, kulobubusuku, ngamandla okuvuka kwaKho, ngesiqiniseko sensindiso, ngokubonakaliswa kwaKho okukhulu kweZwi laKho kulolu izinsuku zokugcina ukuthi Wethembise ukuthi

Uyokwenza! Ebusweni bokugxekwa, nemininingwane, nakho konke, Usalokhu unguNkulunkulu, uNkulunkulu ofanayo izolo, namuhla, naphakade. SiKubonga kanjani ngakho, Baba! Amen. Amen.

298 O, anizizwa nikahle na? Thanini, "Ayidunyiswe iNkosi." O, lokho akuzwakali njengePhentekoste kimi. "Ayidunyiswe iNkosi!" Lokho kuzwakala kungcono. "Amen." "Udumo kuNkulunkulu." "Ngiyamthanda uJesu." "Akadunyiswe uNkulunkulu." Amen.

> NgizoMdumisa,

Asiphakamise izandla zethu manje silicule.

> Ngi . . .

Kwenze kuzwakale.

> . . . Mdumisa,
> Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
> O, Mnikeni udumo nonke nina bantu,
> Ngokuba iGazi laKhe lingageza lisuse ibala ngalinye.

299 NiyaMthanda na? Thanini, "Amen." Uyamthanda umakhelwane wakho na? Thanini, "Amen." Manje, asixhawulane nomunye . . . umuntu ongakuwe, phambi kwakho. Yima unganyakazi, xhawulanani nje, umuntu ongakuwe, uthi, "Ayidunyiswe iNkosi. Ayidunyiswe iNkosi." Ayidunyiswe iNkosi. Ayidunyiswe iNkosi. Akadunyiswe uNkulunkulu. Ayidunyiswe iNkosi. Ayidunyiswe iNkosi. Ayidunyiswe iNkosi.

Awuzizwa ukahle na? Amen. Manje, asilicule futhi.

> NgizoMdumisa . . .

Phakamisani izandla zenu.

> . . . NgizoMdumisa,

Kakhulu impela manje.

> Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
> O, Mnikeni udumo nonke nina bantu,
> Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

300 Asikhothamise amakhanda ethu manje, umzuzwana nje. Niyakholelwa emvuselelweni eyimfashini endala na? Niyakholelwa emandleni kaNkulunkulu na? Niyakholelwa enkolweni yakudala na? O, ayicaki, kodwa igeza kube mhlophe futhi ihlanze njengeqhwa. Uyakukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Masikhuleke kanzima manje ukuthi uNkulunkulu uzoqala enye yalezo zimvuselelo.

301 Masibeke amahlombe ethu, bangane, sifanele siqhubeke sicindezele, sicindezele. Asiphikelele. Sifanele sikubone lokhu kwenzeka, kufanele kwenzeke, sifanele sikwenze.

302 Manje, nisakhothamise amakhanda enu, ngizokwethula umelusi manje, usihlalo womhlangano, lapha emsamo, futhi makathathe inkonzo kunoma yini . . .

